


UNKULUNKULU ONAMANDLA OWEMBULWE PHAMBI KWETHU

 NginemiBhalo embalwa ebhalwe phansi, engingathanda ukukhuluma kini kuyo, futhi ngithemba ukuthi uNkulunkulu uzobusisa imizamo yethu ebuthakathaka.

² Manje, abantu abaningi umangele ukuthi kungani sibe yinqaba kangaka futhi sibe nomsindo kangaka. Niyazi, lolu wuhlobo lohlobo olwehlukile lwe—lwengqungquthela kunalolo abantu a—abavamise ukulubona. Futhi, ngokweywayekile, yonke into iwuhlobo olwenziwe ngendlela. Kodwa uma siza kulezizingqungquthela, osekube yinhlanhla yami manje iminyaka eminingana selokhu zaqala ukuqalwa, futhi asazi impela ukuthi sizokwenzenjani. Sivele nje size futhi sizinikele. Yileyo nto kuphela esikwazi ukuyenza. Futhi uNkulunkulu wenza konke. Ngakho lokho kusenza abantu abaziphatha ngokuxakile impela.

³ Ngeliny'ilinga, omunye wathi, “Uyazi, nina bantu ngempela niyinqaba.”

Ngase ngithi, “Awu, nge—ngethemba ukuthi siyiyo.”

⁴ Futhi ngiyayikhumbula enye yezingqungquthela. UMfowethu Troy wayengitshela ngesinye isikhathi ngeJalimane elincane elathi lemukela umBhaphathizo kaMoya oNgewe. Futhi ngakusasa, esitolo lapho elalisebenza khona, laliphakamisa izandla zalo futhi lidumise iNkosi, futhi likhulume ngezilimi, futhi nje liqhubeke, kabi kabi. Futhi ekugcineni, ubasi wafika wayesethi, “Heini, yin’indaba ngawe na?”

⁵ Lathi, “O, sengisindisiwe.” Lathi, “Inhliziyo yami nje iphuphuma injabulo.”

⁶ Wathi, “Awu, ufanele ukuthi ubusezansi nalesosixheke samanadi ezansi lapho.”

⁷ Lathi, “Yebo. Udumo kuNkulunkulu!” Lathi, “Ayibongwe iNkosi ngamanadi.” Lathi—lathi, “Awuthathe imoto, wehle ngomgwaqo.” Lathi, “Ukhiphe onke amanadi kuyo, awusenalutho kepha isixheke se ‘nto engasenamsebenzi.” Futhi lokho nje ku . . . Kuthi nje akube yiqiniso, niyazi.

⁸ Ngeliny'ilinga, eCalifornia, ngangehla ngezitaladi zaseLos Angeles, ngase ngibona indoda inesayini esifubeni sayo, *nalapha*. Futhi yathi, “Ngiyisiwula sikaKristu.” Futhi wonke umuntu wayeyibuka. Futhi ngabaqaphelisisa bephenduka futhi bebuka, emva kokuba seyedlulile. Futhi ngacabanga ukuthi

ngizobalandela bonke. Futhi e . . . umhlane wayo, yathi, “Wena uyisiwula sikabani na?” Ya. Ngethemba ukuthi sonke siluhlobo oluyinqaba, komunye nomunye, niyazi.

⁹ Kodwa, niyazi, izwe lingena esiseleni esinjalo, kuze kuthi into ethize ehlukile yenze kube yinqaba kakhulu, abantu baze bacabange ukuthi kukhona okuthize okungahambi kahle. Futhi ngokwejwayelekile uNkulunkulu ufanele enze into ethize engejwayelekile kakhulu, ukuthola abantu babuyele eBhayibhelini futhi.

¹⁰ Sengathi ngiyambona uNowa wayeluhlobo lwe—lwenadi, kulowonyaka wesayense ayephila kuwo, ngoba babengafakazisa ukuthi kwakungekho-manzi ezibhakabhakeni. Kodwa uNkulunkulu wathi ayobakhona lapho. Ngakho, uNowa, eshumayela futhi ekukholwa lokho, uphenduka inadi.

¹¹ Futhi sengathi ngiyabona lapho uMose ehlele eGibhithe, wayewuhlobo lwe—lwenadi, kuFaro. Kodwa khumbulani, uFaro wayeyinadi, kuye, futhi. Ngakho bona . . . Siyakuqonda lokho.

¹² Ngisho noJesu wayethathwa njengokholwa okuphambene nokukholwa okuyikho. Kunjalo. UMartin Luther wayeyinadi, ebandleni eliKatolika. NoJohn Wesley wayeyinadi, kwiSheshi. Ngakho, niyazi, ku—kuthi akube yisikhathi selinye inadi. Anicabangi kanjalo na? Kodwa, ngaphambi kokuba kubekhona inadi, niyazi, kuzofanele kube nebhawodi, kuqala, ukulikulufela kulo.

¹³ Ngakho, niyazi, uNowa, eyinadi, u . . . Uthatha inadi, lidonsa ibhawodi, lidonsa okuthize likuhlanganise, futhi libambe okuthize likuhlanganise. Ngakho, uNowa wakwazi ukudonsa wonke lowo owayezokholwa, amfake emkhunjini, aphume ezahlulelweni, ngokuba yinadi.

¹⁴ Siyathola, ukuthi, uMose wadonsa iBandla walikhipha eGibhithe, ngokuba yinadi. Kunjalo.

¹⁵ Ngicabanga ukuthi sidinga inadi manje, ukudonsa uMlobokazi aphume ebandleni. Sidinga okuthile manje, elinye, ngakho siluhlobo lwabantu abayinqaba ngempela. Futhi ngicabangile, kulobubusuku, ukuba iNkosi ibithandle, ngizozama ukufunda imiBhalo ethize eqondene nalokhu, futhi ngikhulume nani imizuzwana embalwa nje, futhi ngizame ukunikhombisa ukuthi yingani singabantu abayinqaba kanjalo.

¹⁶ Asiphenyeni emiBhalweni manje, kwabaseFiliphu isahluko se 2, 1-8, nakwabaseKorinte besiBili 3:6. Futhi asifunde, njengoba silikholwa iZwi likaNkulunkulu.

¹⁷ Futhi manje, ngaphambi nje kokuba sifunde, asikhothamise amakhanda ethu ukuba senzele umkhuleko.

¹⁸ Baba waseZulwini onomusa, impela singabantu abanenhlanhla, kulobubusuku, ukuba siphile kulonyaka, nokubona izinto esizibona zenzeka, nokwazi ukuthi isikhathi

sesisondele eduze, lapho uJesu ezofikela iBandla laKhe. O, lokho kuyazixhuxhumisa izinhliziyu zethu, Nkosi! Futhi njengoba siphenqa amakhasi, kulobubusuku, siyakhuleka ukuthi Uzosipha ingqikithi kulendikimba. Futhi sengathi uMoya oNgcwele ungembula ezinhliziyweni zethu izinto ezingabazinhle futhi zithokozise kuNkulunkulu. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

¹⁹ Niyazi, ngikholwa ukuthi ngizonicela ukuba nenze okuthize. Ngi—ngivamise ukucela izinto ezixakile, futhi ngethemba ukuthi angiceli-lutho oluxake kakhulu. Kodwa uma sethembisa ukuthobela ifulege, sonke siyama. Ne—nefulege ledlule, siyama; okungukuthi, sifanele sikwenze. Futhi simela, ukuba sishaye isaluthe. Asime nje ngezinyawo zethu sisafunda iZwi, uma nithanda, kwabaseKorinte besiBili 3:6.

O...senzileyo sibe namandla okuba yizikhonzi zesivumelwano esisha; singesiso esegama, kodwa esikamoya: ngokuba igama liyabulala, kodwa umoya uyaphilisa.

Kepha uma—kepha uma inkonzo yokufa, enamagama aqoshwa ematsheni, yafika inenkazimulo, ngangokuba abantwana bakwa-Israyeli babengenakubuka ubuso bukaMose ngenxa yenkazimulo yobuso bakhe; inkazimulo eyayingephelayo:

Pho inkazimulo kamoya ayiyikuba nenkazimulo kakhulu kunayo na?

Ngokuba uma inkonzo yokulahlwa ibikhazimula, kakhulu inkonzo yokulunga inenkazimulo enkulu kakhulu.

Ngokuba nalokho okwakhazimuliswayo kwakungenankazimulo ngalokhu, uma kulinganiswa nenkazimulo lena edluleleyo.

Ngokuba uma lokho obekuzakuphela kwabanenkazimulo, kanjani... noma ikakhulu okumiyo njalo kunenkazimulo.

Ngakho-ke lokhu sinethemba elinjalo, sinesibindi sonke.

Asenzi njengoMose, owamboza ubuso bakhe ngendwangu, ukuze abantwana bakwa-Israyeli bangabuki ukugcina kwalokho okwazakuphela:

Kodwa ingqondo yabo yaba-lukhuni: ngokuba kuze kube-sosukwini lwanamuhla nxa kufundwa isivumelwano esidala; leyondwangu isahlezi ingambuliwe ngokuba iyapheliswa kuKristu.

Yebo kuze kube-namuhla, nxa kufundwa uMose, indwangu isayimbozile inhliziyu yabo.

Kepha nxa iphendulelwa eNkosini, indwangu iyakususwa. Qha...

INkosi inguye uMoya: kepha lapho uMoya weNkosi ekhona, kukhona inkululeko.

Kepha thina sonke, sibuka ngobuso obambuliwe inkazimulo yeNkosi njengasesibukweni, ukuguqulwa sibe-njengalowomfanekiso sivame sande njalonjalo ukukhazimula, njengalokhu kumi ngoMoya weNkosi.

²⁰ NakwabaseFiliphu 2, sifunda lokhu, siqale ngelo 1, futhi sifunde siye evesini le 8.

Ngakho-ke uma—uma kukhona induduzo kuKristu, uma kukhona ukududuzeka kothando,..kukhona inhlango kaMoya, uma kukhona isisa sesihawu,

Gwalisani ukuthokoza kwami, ukuba nibenomqondo munye, ninothando lunye, ni-nhliziyonye, futhi niqonde into yinye.

Ningenzi-lutho ngombango nangodumo lwezwe; kepha ngokuthobeka nishaye sengathi abanye bakhulu kunani.

Yilowo nalowo angabheki okwakhe, kepha yilowo nalowo abheke o...okwabanye.

Mawube-kini lomqondo, owawukhona nakuKristu Jesu:

Owathi, enesimo sikaNkulunkulu, akaze asho ukuthi kuyinto yokuphangwa ukulingana noNkulunkulu:

Kodwa ezenza ongenagama, ethatha isimo senceku, enziwe ngomfanekiso womuntu:

Wathi efunyenwe enjengomuntu, wazithoba, elalela kwaze kwaba sekufeni, yebo ekufeni kwesiphambano.

²¹ Asikhuleleke.

²² Baba waseZulwini, leliZwi elikhulu eselifundiwe, kulobubusuku, emBhalweni waKho oNgewele, Lenze libe yilo ngempela kuzo izinhliziyi zethu, ukuthi sizosuka lapha njengalabo ababesuka e-Emawuse, bethi, "Izinhliziyi zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu lapho Ekhuluma kithi endleleni na?" Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Ningahlala phansi.

²³ Manje, lela yindikimba eyinqaba ngempela, kodwa ngicabanga ukuthi ifanelana impela nodaba. Bengifuna ukukhuluma ngendaba ethi: *UNkulunkulu Onamandla Owembulwe Phambi Kwethu.*

²⁴ Manje, selokhu kubekhona umuntu, bekukhona ukulamba enhliziyweni yomuntu, ukuthola ukuthi wavelaphi, nokuthi siyini isizathu sakhe sokuba lapha, nokuthi uyaphi. Munye

kuphela Ongaphendula lokho, lowo yiLowo Owamletha lapha. Futhi umuntu ubelokhu njalo efuna ukubona uNkulunkulu.

²⁵ Emuva eTestamenteni eLidala, sithola ukuthi uNkulunkulu waZimboza kwabangakholwayo. UNkulunkulu unendlela eyinqaba impela yokuphathelana nabantu. UyaZifihla kongakholwayo Azembule kokholwayo. UNkulunkulu wenza lokho. UJesu wambonga uBaba, ukuthi, Wayezifihlile lezizinto kwabahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi aKwembulele izingane zona ziyofunda. Ngakho, siyathola ukuthi uNkulunkulu akaguquki neze, emvelweni yaKhe, futhi Uhlala njalo enza umsebenzi waKhe ngokufanayo. Siyathola, kuMalaki 3, ukuthi Wathi, “NginguNkulunkulu, aNgiguquki.” Ngakho, Usebenza ngesimiso esifanayo, ngaso sonke isikhathi.

²⁶ Manje sithatha enye yeziNcwadi ezindala kunazo zonke zeBhayibheli. Ngenkathi uJobe, omunye wendoda elunge kakhulu osukwini lwakhe, indoda ephelele emithethweni kaNkulunkulu, inceku, edumile, inceku ehloniphekile, kwaze kwathi ngisho noNkulunkulu wathi, “Akekho onjengaye, emhlabeni.” Kodwa...isifiso sakhe, ngesinye isikhathi, ukubona uNkulunkulu. Wayazi ukuthi kwakukhona uNkulunkulu, futhi wazizwela ukuthi wayengathanda ukuMbona, noma, kungenjalo, aye endlini yaKhe angqongqoze emnyango, futhi athi, “Ngingathanda ukukhuluma naWe.” Ahlale phansi, axoxe naYe, njengoba nathi besingenza komunye nomunye.

²⁷ Sinokuqonda. Yingakho sikulezizingqungquthela, lapho esihlangana khona ndawonye futhi—futhi siveze imicabango yethu. Futhi—futhi siyaqondana omunye nomunye, kangcono, uma sixoxisana ngezinto nomunye nomunye. Nabefundisi bayakwenza lokho. Abantu abaphuma kuyo yonke indima yempilo bayakwenza, baxoxisane ngezinto.

²⁸ Futhi, uJobe, uNkulunkulu wayenguye ngempela ngempela kuye, wayefuna ukuthola ukuthi angeye yini ahambe, ukuyongqongqoza emnyango waKhe, futhi—futhi abe ne-nengxoxiswano naYe.

²⁹ Kodwa siyathola ukuthi uNkulunkulu wakhuluma naye, kodwa Wayemboziwe. Wayembozwe esimweni sesivunguvungu. Futhi Watshela uJobe ukuba abophe izinkalo zakhe; Wayezokhuluma naye, njengendoda. Futhi Wehla esesivunguvungwini futhi—futhi wakhuluma noJobe. Futhi Waziwa kuJobe ngesivunguvungu, nokho akazange aMbone ngokwempela. Wayengezwa nje omoya uvunguza futhi ujikajika, ezihlahleni. NePhimbo laphuma esivunguvungwini, kodwa uNkulunkulu wayembozwe yisivunguvungu.

³⁰ Siyathola, ezansi e-Afrika, eNingizimu Afrika, basebenzisa igama *amoya*, okuchaza, “amandla angabonakali.”

³¹ Futhi laMandla angabonakali, esivunguvungwini, ayenePhimbo elizwakalayo. Lakhuluma kwezwakala kuJobe, nokho akazange asibone isimo saKhe. kodwa Wayemboziwe, kuye, ngesivunguvungu.

³² Sithola omunye wabaprofethi abakhulu beBhayibheli, uMose, weTestamente eLidala, omunye wabakhethiweyo bakaNkulunkulu, baqokwa, izinceku ezamiselwa ngaphambili, naye futhi wafisa ukuMbona. Wayekade esondele kakhulu kuYe, futhi kade ebone izinto eziningi kakhulu zesandla saKhe esikhulu esingaphezu kwemvelo sihamba phambi kwakhe futhi senza izinto ezingenziwa nguNkulunkulu kuphela. Wafisa ukuMbona ngeliny'ilanga, futhi uNkulunkulu wamtshela, "Hamba, ume phezu kwedwala."

³³ Futhi esamile phezu kwedwala, uMose waMbona edlula. Wabona umhlane waKhe. Futhi wathi, "Kwakubukeka njengomuntu, umhlane womuntu." Nokho, akambonanga uNkulunkulu. Kuphela wayebone iveli kaNkulunkulu.

³⁴ IBhayibheli lathi, "Akakho oke wabona uNkulunkulu nanini, kodwa yilowo Ozelwe nguBaba uMbonakalisile." Ngakho, uMose waMbona, embozwe, njengoMuntu. Futhi sithola ukuthi uJehova weTestamente eLidala wayenguJesu nje weTestamente eLisha.

³⁵ Futhi—futhi uDkt. Scofield lapha, sithola ukuthi, igama lakhe, ukuguquka kusuka "esimweni." Sithola igama *en morphe* ngesiGriki, okusho "okungabonwayo kwenziwa kwabonakala." Into ethize engeke...Siyazi ukuthi kukhona. Kunga... kungebonwe, kepha nokho siyazi ukuthi kulapho. Futhi ngenkathi Eguqula isimo saKhe, sika *en morphe*, okusho ukuthi Waguquka esuka kokungaphezu kwemvelo kwaya kokwemvelo.

³⁶ Futhi nje Wavele waguqula isifihla-buso saKhe, ngokunye, kunjengomdlalo wasesiteji. Wayedlala. Futhi ngesiGriki, lapho beshintsha isifihla-buso sabo, mhlawumbe oyedwa adlale-... umdlali oyedwa wayengahle ukuba udlale ezingxenye eziningana ezehlukene.

³⁷ Futhi indodakazi yami, ekhona lapha, bake babanawo esikoleni esiphakeme, u—umdlalo wasesiteji. Futhi umfana oyedwa engangimazi, wadlala cishe izingxenye ezine, kodwa wayeya emva kwesiteji futhi ashintshe isifihla-buso sakhe—sakhe, ukuze aphume, alingise omunye umlingiswa.

³⁸ Manje, uma uzothatha iziprofetho zeTestamente eLidala ezimayelana nalokho uMesiya ayezoba yikho, ungakuqhathanisa nempilo kaJesu, futhi usukuthole ncamashi lokho uJesu ayeyikho. Wayengesuye nje umuntu ojwayelekile. WayenguNkulunkulu, u *en morphe*. Waguqulwa esuka—esuka kokungaphezu kwemvelo kwangena esimweni semvelo yoMuntu. Nokho, WayenguNkulunkulu, ebonakaliswe enyameni, embozwe ngomuntu, iveli yenyama.

Futhi qaphelani iTestamente eLidala.

³⁹ Ngi—ngi—ngiyazi ukuthi ngikhuluma kwizethameli ezixubene, kulobubusuku, ezivela ezingxenyeni ezehlukene zezwe. Futhi silapha ukuba sithole. Se—senzani na? Si—siyini na? Sifinyelela kuphi na? Kwenzekani na? Kusho ukuthini konke lokhu na?

⁴⁰ Futhi manje, siyathola, phakathi lapha, ukuthi uma wena ndoda eyiJuda nabesifazane, norabi e—e—ethempelini, emihleni eseyadlula, uma babeqaphele iBhayibheli, iziprofetho, esikhundleni samasiko, babeyomqonda ukuthi uJesu wayengubani. Babengasoze baMbize ngoBelzebule. Babengasoze baMbethela. Kodwa, konke kwakufanele kudlale. Leyo yingxenye yomdlalo wasesiteji. Futhi babephuphuthekile, kuloludaba.

⁴¹ Kunjengabaningi benu silisa, abesifazane, lapha kulobubusuku, mhlawumbe enisonyakeni wami wobudala noma nibadadlana. Niyakhumbula lapha, eMelika, iminyaka eseyadlula, phambi...AmaShayina...Mfowethu, asanda kuthulwa lapha, lokho kufika emqondweni wami ngenkathi ngisakhuluma nalo. Ukuthi ayevamise kanjani uku... Ayengakwazi ukukhuluma isiNgisi, futhi a—ayephethe ilondolo. Futhi uye elondolo lalo, ukuba wenzelwe ilondolo yakho. U—umwashi oyiShayina wayethatha isilengiso, futhi asidabule ngendlela ethize. Uthatha ingxenye eyodwa yesilengiso; yena athathe enye ingxenye. Kodwa lapho usubuya ukuzolanda izimpahla zakho, lezoziqephu ezimbili zephepha zazifanele zihlangane okwesisila sejuba. Futhi uma zazingahlangani okwesisila sejuba khona impela nje...Wawungeke usifanise noma ngayiphi indlela, ngoba lalinesiqephu esisodwa nawe wawunesinye. Futhi uma sifanisekisiwe...Khona-ke wawuba nelungelo lokubiza lokho okwakungokwakho. Futhi khona-ke usunakho okungokwakho, lapho wawunayo enye ingxenye yesivumelwano.

⁴² Kukanjalo, nakulobubusuku, lapho sinayo enye ingxenye yesivumelwano. Ngenkathi, uNkulunkulu edabula iNdodana yaKhe kabili, eKalvari, wakhuphula umzimba ukuba ube nguMhlatshelelo, wase ethumela uMoya phansi kithi, owake waphila kuMuntu, uJesu. LowoNkulunkulu ofanayo usevelini kulobubusuku, esimweni sikaMoya oNgcwele. lezoziqephu ezimbili sifanele zihlangane, khona-ke usuyingxenye yesivumelwano. UNkulunkulu wakwenza lokhu, ukuba azeke kangcono kumuntu, ngenkathi Ezenza uMuntu qobo lwaKhe.

⁴³ Ngangifunda indaba, eminyakeni ethize eyedlula. Futhi kulendaba, kwathi enkulu, inkosi edumileyo...Ngiyalikhohlwa igama layo, njengamanje. Bengingacabangi ngokukhuluma ngendaba. Yona, mhlampe kwakuyinganekwane, kodwa kusiholela ephuzwini elisinika isendlalelo salokho esifuna

ukukusho. Lenkosi, yayiyinkosi edumileyo ngempela, futhi ingumthandi omkhulu wezikhonzi zayo, kwaze kwathi, ngeliny'ilanga, phambi komqaphi wayo—wayo nabesigodlo sayo, yathi, “Namhlanje, ningibona okokugcina, iminyaka eminingi.”

⁴⁴ Nomqaphi wayo nabadumileyo bayo bathi kuyo, “Nkosi enhle, ukusho ngani lokho na? Ngabe uzoya kwelinye izwe, ndawo ndawo, ukuba ube ngumfokazi na?”

⁴⁵ Yathi, “Qhabo. Ngihlezi khona lapha. Awu,” yathi, “Ngiyaphuma ngiya phakathi kwezikhonzi zami. Ngizoba ngumuntukazana. Ngizogenca izingodo nomgawuli wezingodo. Ngizo—ngizolima umhlabathi nesisebenzi. Ngizothena imivini nalabo abathena imivini. Ngizoba ngomunye wabo, ukuze ngikwazi kangcono lokho abakwenzayo. Futhi ngiyabathanda. Futhi ngifuna ukubazi kakhulu, siqu sami. Abazukungazi. Kepha, nokho, ngifuna ukwazana nabo, ngaleyondlela.”

⁴⁶ Futhi ngokusa okulandelayo, ngesikhathi izithunywa zayo, bonke abantu bayo bayibona, noma labo owayesigodlweni, yethula umqhele wayo yase iwubeka phansi phezu kwesihlalo, isihlalo sobukhosi; yase ikhumula ingubo yayo, yagqoka izingubo zomuntukazana, yaphuma yaya phakathi kwabantukazana.

Manje, kuleyondatshana, siyathola-ke ngoNkulunkulu.

⁴⁷ Bathi enkosini, bathi, “Nkosi, siyakufuna. Siyakuthanda. Si—sifuna uhlale uyinkosi.” Kodwa yayifuna ukuba ngomunye wabo, ukuba ibazi kangcono, ukuze bayazi kangcono, ukuthi ngempela yayingubani. Kwakuzoveza obala kubo ukuthi ngempela yayingubani.

⁴⁸ Futhi yilokho okwenziwa nguNkulunkulu. Wa—WaZiguqula, esuka ekubeni nguJehova uNkulunkulu, ukuba abe ngomunye wethu, ukuze Ahlupheke, Akwazi ukuzwa ukufa, Akwazi ukuthi udosi lokufa lwaluyini, futhi athathe inhlawulo yokufa ibe phezu kwaKhe. Wabeka eceleni umqhele waKhe—waKhe nengubo, yaKhe futhi waba ngomunye wethu. Wageza izinyawo kanye na—kanye na—abathobileyo. Wahlala emathendeni, nabampofu. Walala e—emahlathini nasemigwaqeni, nalabo ababengenamalungelo. Uba ngomunye wethu, ukuze Asiqonde kangcono, nokuthi nathi siMqonde kangcono.

⁴⁹ Manje, ngicabanga ukuthi, kulokho, sithola ukuthi ekuziguquleni, kwaKhe uqobo, lokho Akwenzayo. Uma uzoqaphelisisa, Wafika ngegama lamadodana amathathu. Wafika ngeGama leNdodana yomuntu, nangeNdodana kaNkulunkulu, ngeNdodana kaDavide. Wafika njengeNdodana yomuntu.

⁵⁰ Manje, kuHezekeli 2:3, uJehova, qobo lwaKhe, wabiza uHezekeli, umprofethi, “ngendodana yomuntu.”

⁵¹ *Ndodana yomuntu* kuchaza “umprofethi.” Wayefanele afike ngaleyondlela, ukugcwalisa uDutoronomi 18:15, athi uMose, “iNkosi uNkulunkulu wenu iyakunivusela phakathi kwenu umProfethi onjengami.” Akazange Azibize ngeNdodana kaNkulunkulu. Wazikhomba Yena, “iNdodana yomuntu,” ngoba Wayefanele afike ngokomBhalo. Niyabo? Wayefanele enze lezoziqephu ezimbili zephepha elidatshuliwe, isiprofetho seTestamente eLidala nesimilo saKhe uQobo, ukuba kufane nse. Ngakho, Ufika, eyiNdodana yomuntu, ufika ngalesosimo.

⁵² Siyathola-ke, emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, Wafika ngoSuku lwePhentekoste, njengeNdodana kaNkulunkulu; uNkulunkulu, uMoya, esimweni, uMoya oNgewe. Wayenzani na? Wayeziguqula, Ezazisa kubantu baKhe ngesimo esehlukile. Njengokuthi, uMoya oNgewe, onguNkulunkulu, Wafika ukuphathelana neminyaka yebandla, njengeNdodana kaNkulunkulu, uMoya oNgewe.

⁵³ Kodwa, esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, Ufika njengeNdodana kaDavide, ukuhlala esihlalweni sobukhosi sikaDavide, iNkosi. Wayezothatha isihlalo sobukhosi sikaDavide. UsesiHlalweni sobukhosi sikaYise manje. Futhi khona-ke Wathi, “Onqobayo uyohlala naMi esiHlalweni saMi sobukhosi, njengokuba naMi ngingobile ngahlala esiHlalweni sobukhosi sikaBaba waMi.” Ngakho, Yena, esikhathini seminyaka eyiNkulungwane, Uyoba yiNdodana kaDavide. Kuyini na? UNkulunkulu ofanayo, ngasonke isikhathi, nje uguqula nje isifihla-buso saKhe—saKhe.

Mina ngi, kumkami, umyeni.

⁵⁴ Nike naqaphela na? Owesifazane onguSirofenike wathi, “Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele.” Yena, akuzange kuMkhathaze ngisho, nakancane. Wayengenawo amalungelo okuMbiza ngalokho. Wayengenakho ukuMbiza njengeNdodana kaDavide. Waye...UyiNdodana kaDavide, kumJuda. Futhi manje Ufika...Kodwa ngenkathi eseMbize, “Nkosi,” WayeyiNkosi yakhe, khona-ke wakuthola akucelayo.

Manje, njengokuthi, WayeZiguqula nje.

⁵⁵ Manje, ekhaya lami, ngingabantu abathathu abehlukene. Ekhaya lami, umkami unokungibiza ngomyeni. Indodakazi yami laphaya, ayinakho ukungibiza ngomyeni; ngingubaba wayo. Nendodana yami encane engumzukululo lapho, ngingumkhulu kuyo, ngakho ayinalungelo lokungibiza ngobaba. Angisuye ubaba wayo. Indodana yami ingubaba wayo. Ngingumkhulu wayo. Kodwa ngiseyilokhu ngingumuntu ofanayo.

⁵⁶ Futhi uNkulunkulu, Akwenzayo, UyaZiguqula nje, ukuba abe kulesosizukulwane, ukuZazisa kulababantu. Futhi yilokho esikuzele lapha ukukuthola, kulobubusuku. Ndelelani uNkulunkulu afanele ukuZazisa ngayo kulababantu nangalesisikhathi na? Uguqula isifihla-buso saKhe, Uguqula

ukwenza kwaKhe, kodwa Akasiguquli isimo saKhe. Akayiguquli imvelo yaKhe—yaKhe. Uguqula nje isifihlabuso saKhe, ukusuka kwesinye kuya kwesinye. Uyakwenza, ukuZembula ngokusobala kakhulu kubantu, ukuze bazi ukuthi Ungubani, nokuthi Uyini.

⁵⁷ KumaHeberu 1, siyafunda, “UNkulunkulu, esekhulumile emandulo kokhokho, ngabaprofethi, kepha kulolu izinsuku zokugcina, ngeNdodana yaKhe, uJesu.”

⁵⁸ Manje, “Abaprofethi,” uJesu wathi, ngenkathi Eselapha emhlabeni, “babengonkulunkulu. Nibabiza ngo ‘nkulunkulu,’ labo iZwi likaNkulunkulu elafika kubo. NemiBhalo ingephulwe,” Washo. Wathi, “NingaMlahla kanjani pho, lapho EyiNdodana kaNkulunkulu na?” Niyabo?

⁵⁹ IZwi likaNkulunkulu labelwe unyaka ngamunye, ukuthi Lizoba yini. NoJesu wayengukugcwaliseka kwazo zonke iziprofetho. “KuYe kwahlala ukugcwalisa kobuNkulunkulu ngokomzimba.” BabukuYe. WayenguYe owayekuJosefa. WayenguYe owayeku-Eliya. WayenguYe owayekuMose. WayenguYe OwayekuDavide, inkosi elahliweyo.

⁶⁰ Abantu bakhe uqobo babemlahlile, njengenkosi. Futhi lapho ephuma e—emagcekeni, omncane, umfo okhathazekile kancane egaqagaqazela, akawuthandanga uhulumeni wakhe—wakhe, inqubo yakhe, futhi wamphimisela. Nomlindi wahosha inkemba yakhe, wathi, “Ngizoliyeka lelokhanda lenja likuyo, ephimisela inkosi yami na?”

⁶¹ NoDavide, mhlawumbe engaqondi ukuthi wayenzani ngesikhathi, kodwa wayegcotshiwe. Futhi wathi, “Myekeni. UNkulunkulu umtshela ukuba enze lokhu.” Futhi wakhuphukela egqumeni futhi wakhala phezu kweJerusalema, inkosi elahliweyo.

⁶² Nike naqaphela na? Iminyaka engamakhulu ambalwa kusukela ngaleyonkathi, iNdodana kaDavide, iphinyiselwa ezitaladini, futhi yayisegqumeni, intaba efanayo, ibuka phansi phezu kweJerusalema, iNkosi elahliweyo. Futhi yakhala, “Jerusalema, beNgithanda kangakanani ukukufukamela njengesikhukhukazi senza emazinyaneni aso, kepha anivumanga!”

⁶³ Akazange ayiguqule imvelo yaKhe, ngoba amaHeberu 13:8 athi, “Unguye izolo, namuhla, naphakade.” UNkulunkulu wabayinyama, ukuze afe, ukuba asihlunge esonweni. Yingakho Aziguqula, ukuba abe ngu—nguMuntu.

⁶⁴ Siyabona, kuJohane oNgcwele 12:20, amaGrecki ayezwile ngaYe. Manje, akukho-muntu ongake ezwe ngaYe, ngaphandle uma inhliziyo yabo ivuthela ukuMbona. NjengoJobe nabaprofethi basendulo, bonke babefuna ukuMbona. Ngakho, lomGrecki weza ukuzoMbona. Beza kuFiliphu,

owayengowaseBetsayida, bathi, “Nkosi, sithanda ukubona uJesu.”

⁶⁵ AmaGrecki ayefuna ukuMbona, kodwa awakwazanga ukuMbona ngoba Wayesethempelini lobuntu baKhe. “UNkulunkulu wayekuKristu, ebuyisana nezwe kuYe uqobo.” Manje, siyathola ukuthi kulokhu, lamaGrecki ayengenakuMbona.

⁶⁶ Futhi qaphelani wona impela amazwi uJesu awezwakalisa kubo, kamuva. Wathi, “Uma inhlamvu kakolweni iwela emhlabathini, ife, ihlala yodwa.” Ngamany’amazwi, babengasoze bakwazi ukuMbona ekuguqulweni, esifihlabusweni Ayekuso ngalesosikhathi, ngoba Wayembozwe enyameni yomuntu. Kodwa ngenkathi leNhlamvu kaKolweni iwela emhlabathini, khona-ke Yayizothela zonke izinhlanga. Wayethunyelwe kumaJuda, kusobala, ngalesosikhathi. Kodwa leNhlamvu kaKolweni ifanele iwe; uNkulunkulu ozembozile, enyameni yomuntu, ezifihlile kwabangakholwayo, kodwa embuliwe kwabakholwayo.

⁶⁷ KuJohane 1, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba-yinyama, wakha phakathi kwethu, futhi saMbona, ozelwe yedwa kuYise, egcwele umusa.” Manje, ekuqaleni wayeyiZwi. IZwi ngumcabango ozwakalisiwe.

⁶⁸ Ekuqaleni, Wayengesuye ngisho uNkulunkulu. Manje, igama lethu lesiNgisi namhlanje, *Nkulunkulu*, lisho “into ekhonzwayo.” Kudida kanjani engqondweni. Ungamenza othize abe ngukulunkulu. Ungenza noma yini unkulunkulu.

⁶⁹ Kodwa eTestamenteni eLidala, kuGenesisi 1, “Ekuqaleni u*Nkulunkulu*,” igama liyasetshenziswa, Elohim. *Elohim* kusho “Okhona ngokwamandla akhe.” Lingumehluko onjani igama Elohim, egameni lethu uNkulunkulu. *Elohim* kusho “Okhona ngokwamandla akhe.”

⁷⁰ Singeke sabakhona ngokwamandla ethu. Singeke saba ngusomandla, onamandla onke, osezindaweni zonke, owazi konke. Lowo-Elohim uzwakalisa konke okwalokho. Singeke saba yilokho. Isihlahla owenza ngaso unkulunkulu, noma i—noma indlu, akukhona ngokwamandla akho.

⁷¹ Ngakho, uNkulunkulu, ekuqaleni, wayengukuPhila, OngoPhakade. KuYe kwakukhona izingxenye ezingahlukaniseki, nalezozingxenye ezingahlukaniseki zaba ngamaZwi, neZwi laba yinyama. UJesu wayenguMhlengi. Futhi uku *hlenga*, kusho, “ukubuyisa.” Uma Efanele ukukubuyisa, kwakufanele kubendawo ndawo ukuba kubuyiselwe kuyo. Ngakho, niyabo, bonke abantu abasoze bakwazi ukukubona, ngoba bonke abantu wayengekho ekuqaleni emicabangweni kaNkulunkulu. Niyabo?

⁷² Bukani abapristi. Ngenkathi beMbona eZiveza neZwi ngqo, lokho Ayeyikho, bathi, “NguBelzabule.” Lokho kwakhombisa ukuthi imvelo yabo yayikuphi. Yayisemcabangweni wesimanje wosuku.

⁷³ Kodwa lapho isifebe esincane, Ahlangana naso esangweni, futhi wasitshela, eveza isibonakaliso saKhe sobumesiya, ngokusitshela esasikwenzile. “Ngani,” sathi, “Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi. Siyazi, uMesiya, lapho Efika, Uzositshela zonke lezizinto.” SasiMqonda njengoMesiya, Ogcotshiweyo, ngoba Wahlangabezana nezimfanelo zomBhalo. Aniboni na? Iziqephu ezimbili zephepha zazihlangana ndawonye. Sona, “Siyazi ukuthi, nxa uMesiya efika.”

⁷⁴ Manje, uNkulunkulu ngahle ukuba wadingeka azalanise *lokhu nalokho*, ukuthola lokhu ukuncencetha kwensimbi, njengombumbi. Kodwa ngenkathi uJesu ephenduka, wathi, “NginguYe okhuluma nawe,” kwakungekho sisho esinjengo “Belzabule.” Sashiya imbiza yaso yamanzi, saagijimela emzini, sasesithi, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshela izinto engizenzileyo. Akusiye yini Lo yena kanye uMesiya na?” Niyabo?

⁷⁵ Manje, yini eyenza lokhu na? Ukubeka umBhalo omdala nolwazi u—uJesu ayemnika lona, kwenzani na? Kwenza uMesiya. Futhi nike naqaphela na? Masinya, izono zakhe zathethelelwa, ngoba, ekuqaleni, wayehlelweka, ngoba wayesekucabangeni kukaNkulunkulu ekuqaleni. Ngakho, kwamhlenga, noma kwambuyisa, lapho ebone umBhalo ozwakalisiwe wabonakalisiwa, kaJehova, lokho Ayeyikho, lokho Ayikho.

⁷⁶ Manje, ngenkathi uJesu efika, ukuba Wayefike nomlayezo kaNowa, wawungeke usebenze. Ukwakha umkhumbi, nokuntanta uphume, kwakungeke kusebenze. Kodwa ukuthi uNowa wayeyingxenywe kaNkulunkulu. Waziphatha ngendlela engejwayelekile ngoba wayengejwayelekile, nomlayezo wakhe wawungejwayelekile ngoba kwakuyiZwi libonakalisiwa.

⁷⁷ Wayengeke afike nomlayezo kaMose, ngoba wawungeke usebenze. UMose wayenguNkulunkulu, engxenyeni, ebonakalisiweyo. WayeyiZwi elizwakalisiwe lalohora, kodwa uJesu wayengenakungena kulokho. IBhayibheli alizange lithi Wayezofika ngaleyondlela.

⁷⁸ Kodwa lapho Efika, wezwakalisa khona impela njenge—iTestamente elalithe Wayezozwakalisa, khonake bonke labo owayenokuhlelweka baKukholwa, ngoba babeyimicabango kaNkulunkulu. Izingxenywe zaKhe ezingahlukaniseki ekuqaleni, kwaba yinyama, futhi kunokuhlelweka, futhi kwabuyiselwa kuNkulunkulu. “Bonke abaMamukelayo, Wabapha amandla ukuba babe ngabantwana

bakaNkulunkulu,” ngoba babenokuhlengeka. Babesukela ekuqaleni, besekuzwakalisweni.

⁷⁹ Ukuba besingama lapha umzuzwana, uma bekungenzeka, futhi sicabange ngalokho, kulobubusuku, ngoMlayezo wehora, imicabango ezwakalisiwe kaJehova. “Ngaphambi kokusekelwa kwezwe,” siyatshelwa, “amagama ethu alotshwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu.” Khona-ke singawabona amacala amabili, njengoba kuqala ngishilo, kungani omunye eyinqaba komunye. Kufanele kube ngaleyondlela. Kwakuhlala njalo. Bekuhlala njalo kungaleyondlela, futhi kuyohlala njalo kungaleyondlela. “WayeyiZwi. NeZwi lenziwa inyama lakha phakathi kwethu.”

⁸⁰ Manje, uNkulunkulu, e . . . emuva ngezinsuku zeTestamente eLidala, sithola ukuthi emva kokuba Esebonakale kubantu baKhe, ngezimo ezehlukene, Wazemboza emva kwezikhumba ezindala zamatahasi. UNkulunkulu efihlakele emva kwezikhumba zamatahasi, esihlalweni saKhe somusa. Sithola ukuthi, kanjani ukuthi uSolomoni, ngenkathi enikela ithempeli leNkosi, nalezizikhumba zamatahasi sasilenga lapho, iveli, ukuthi Wangena kanjani njengeNsika yoMlilo nanjengeFu, futhi wehlela emuva kwalapho, futhi Wazemboza, ezweni elingaphandle. Kodwa, ngokukholwa, u-Israyeli wayazi ukuthi Wayesemuva lapho. Babazi ukuthi Wayelapho, kungakhathaleki ukuthi noma yiliphi lamazwe abahedeni lalizothini. Wafihlwa kongakholwayo. Kodwa ikholwa, ngokukholwa, lalazi ukuthi Wayesemuva lapho. Babenomusa. Futhi Wayesesihlalweni saKhe somusa, okwakuyimfihlo enkulu.

⁸¹ Niyazi, eTestamenteni eLidala, ukungena emva kwalesosikhumba kwakungukufa. Manje ukuhlala emva kwaso kungukufa. Khona-ke ukungena eNkazimulweni yaKhe kwakungukufa. Manje ukuqhela eNkazimulweni yaKhe kungukufa. Lokho kwenzeka, kusobala, ekudabukeni kweveli eKalvari, ngenkathi iveli ladabuka, iveli endala. Manje ukuhlala ngaphandle koBukhona baKhe kungukufa. Khona-ke ukungena eBukhoneni baKhe kwakungukufa. Niyabo? Kuguquka emuva naphambili, futhi ufanele uthole umBhalo ukubona ukuthi suku luni esiphila kulo.

⁸² Manje, ngenkathi iveli idabuka eKalvari, isiHlalo soMusa sahlala obala. (Kodwa kwenzekani na? Sasilenga eKalvari, sivuza iGazi.) Njengoba babekade bathatha igazi, unyaka nonyaka, ekuhlanzweni kwendawo engewele nokufafazwa kwesihlalo somusa, lapho, uNkulunkulu, nokwaKhe okukhulu ukushaya okunamandla kwamandla ombani, kwahlukanisa iveli elidala lethasi kusukela phezulu kuya phansi, nesihlalo soMusa sahlala obala.

⁸³ Elangempela, iWundlu likaNkulunkulu langoqobo ngempela lalilenga obala eKalvari, isiHlalo soMusa sangempela, lapho uNkulunkulu eselikhokhile inani, qobo lwaKhe;

futhi uba ngomunye wethu, futhi wayekade Ezibonakalisile enjengoMuntu, ukuba azane nathi, nathi ukuba sazane naYe. IsiHlalo soMusa sasihlezi obala sawo wonke u-Israyeli wangalolosuku lokuBuyisana.

⁸⁴ Kodwa, maye, amasiko awobaba bebandla ngalolosuku base, ngamasiko abo, babemboze isiHlalo soMusa seqiniso kubantu. Ukuba babewazile umBhalo, isiqephu ngasinye sasiyofika njengesilengiso seShayina. Isiprofetho seTestamente eLidala sasiyogcwaliseka, futhi sagcwaliseka. Futhi ukuba babefundiswe umBhalo, babeyosibona isiHlalo soMusa. “Njengoba uMose,” asho lapha, ukuthi, “kuze kubenamuhla bamboziwe. Liselokhu liphezu kwezinhliziyu zabo.” AbaKuboni.

⁸⁵ Kodwa, WayenguNkulunkulu, ukuhlupheka nokuBuyisana. WayeyisiHlalo soMusa sangokoqobo simi sibonakala ngokugcwele. Njengoba salicula ihubo:

Bhekani! Mbhekeni esobala,
NaNguya, uMnqobi onaMandla,
Selokhu Adabula iveli laba kabili.

⁸⁶ Niyabo, Wafika, isiHlalo soMusa, elenga ebonakala ngokucacile enhlanganweni yebandla. Kodwa bona, bengaphansi kombono othandwa ngabantu. . .

⁸⁷ Manje, silisa nesifazane, nezithunywa zalengqungquthela, ngifuna ukusho lokhu ngaphandle kokuhlonipha umuntu. Kodwa, ekuboneni kwanamhlanje, ekuboneni kwalokho esikukhonela lapha namhlanje, nginvalo ukuthi amasiko obaba, obaba bebandla, likufihlile Lokhu kubantu abanengi kakhulu. Selokhu uMoya oNgcwele efikile kulezizinsuku zokucina, njengoba kwaprofethwa, neveli idatshuliwe, abantu abanengi kakhulu bazama ukulenga emasikweni abo awobaba. futhi yingakho bengenakuyibona lenjabulo enkulu kakhulu, nokuthula, nezinto iBandla elinazo namhlanje. Nokho, Kuhlezi obala kulabo abakhulwayo.

Wafihla iZwi, iZwi elethenjisiwe lalolusuku.

⁸⁸ Manje, amasiko lenze iveli. Bathi izinsuku zezimangaliso selwedlule. Indoda yakhuluma kimi, okahle, umnumzane ohloniphekile ophucuzekile, eTucson, e-Arizona, lapho engihlala khona. Ngangikade nginomhlangano eRamada. Futhi sasikade sikhuluma eNgqungqutheleni yeBusiness Men lapho iNkosi uJesu yayifike yabakhona futhi yenza izinto ezinkulu. Nalomnumzane ohloniphekile ongumKristu weza kimi, wayesethi. . . Umfundisi webandla, indoda ekahle, futhi yathi, “Mfowethu Branham, uzama ukutikitela kubantu unyaka wobuphostoli,” wathi, “futhi lapho unyaka wobuphostoli usunqamukile.”

⁸⁹ Ngase ngithi, “Ngiyakunxusa, Mfowethu, ngikhombise ukuthi kunini lapho unyaka wobuphostoli wanqamuka

khona, emBhalweni.” Ngathi, “Unyaka wobuphostoli waqala ngoSuku lwePentekoste, futhi kube...UPetru wathi, ngoSuku lwePhentekoste, ‘Isethembiso ngesenu, nesabantwana benu, nakubo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza.’ Wanqamuka nini na? Uma uNkulunkulu esalokhu ebiza, khona-ke unyaka wobuphostoli usalokhu ukuso isikhathi.”

⁹⁰ Futhi ngakho yilapho abantu bezama khona ukubopha amehlo abantu abanengi kangaka, ngamasiko abo amalunga, njengoba kwakunjalo ngaleyonkathi. Futhi niyehluleka ukubona ukuthi kungani abantu bethokoza kangaka futhi benomdlandla kangaka. Na—nalezizingqungquthela ziyinqaba kabi, into engejwayelekile kabi, kwabanye abantu, yingenxa yokuthi bayabona ukuthi bayiphula leyomigoqo. Bawagqobhoza lawomaveli, bangena eBukhoneni bukaNkulunkulu, lapho bebona khona isethembiso esibonakalisiweyo salelihora sibonakaliswa phambi kwabantu. Bayakubona okwethenjiswa nguNkulunkulu.

⁹¹ KuJoweli 2:28, Wethembisa, ukuthi, “Ngalolu izinsuku zokugcina kuyobakhona imvula yamuva *ethululelwa* phezu kwabantu, ngezinsuku zokugcina.” Ngicabanga ukuthi igama lesiGriki lapho ngu *kenos*, okusho ukuthi Wa “zithulula” Yena uqobo. Hhayi ngendlela ebesingasho ngayo, njengento ethile ebingaphakathi kumuntu othize, leyo Ayithulula. Kodwa, Wazithulula Yena uqobo.

⁹² Waguqula; i *en morphe* yaKhe. Wa—Waguquka, esuka kulokho Ayeyikho, kuya kulokho Ayikho. Akayiguquli neze imvelo yaKhe. Kodwa ngoSuku lwePhentekoste, Waziguqula Yena uqobo esuka ekubeni yiNdodana yomuntu, waya ekubeni yiNdodana kaNkulunkulu. Wafika, hhayi nabantu. Wafika wangena *phakathi* kubantu, niyabo, uNkulunkulu ofanayo, ukuqhuba inkonzo yaKhe ize izofika, kulonyaka omkhulu.

⁹³ Waprofetha eBhayibhelini, ukuthi, “Kuyobakhona usuku olungayikuba yimini noma ubusuku, kodwa ngesikhathi sokuhlwa kufanele kube ngukuKhanya.” Manje, ilanga, ngokomumo womhlaba, liphuma empumalanga futhi lishone entshonalanga. Yilanga elifanayo, ngasosonke isikhathi. Manje, ngenkathi, iNdodana, N-d-o-d-a-n-a, iZembula ekubonakalisweni kweZwi elethenjisiwe, ku-Israyeli, abantu baseMpumalanga.

⁹⁴ Sibenosuku oluyisigayegaye. Sibenokukhanya okwenele kubaguquli, nokunye nokunye, ukwenza amabandla namahlelo, futhi siwajoyine futhi singene; futhi sange izingane, futhi sishadise abadala, futhi singcwabe abafileyo, nokunye nokunye; futhi sihlale ebandleni.

⁹⁵ Kodwa, ngesikhathi sokuhlwa, “Kuyakuba ngukuKhanya,” Wathi, “ngesikhathi sokuhlwa.” Futhi akukho-mBhalo

ongepfulwa. Futhi iN-d-o-d-a-n-a efanayo eyaZithulula, *kenos*, ngoSuku lwePhentekoste, yethembisa ukwenza into efanayo ngesikhathi sokuhlwa. Niyabona na? Kungokwesethembiso.

⁹⁶ Hlanganisa isilengiso ndawonye. Buka ukuthi kwenzekani, futhi buka ukuthi Wethembisani, khona-ke uyobona ukuthi sikuphi. Hlanganisa into ndawonye. Ungakubona ukwembulwa kwalona omkhulukazi noMkhulu. Amasiko liphuphuthekise abantu, futhi, kulezizinto ezinkulu okuprofethiwe.

⁹⁷ UMose, ngenkathi ephuma evela entabeni, eyayiseMlilweni, umfanekiso omuhle kanjani!

⁹⁸ UMose wayekade ehlele eGibhithe futhi watshela obaba bebandla ukuthi iNkosi uNkulunkulu yayikade invakashele ngeGama lika “NGIKHONA.” LeloGama liyinkathi yamanje; hhayi “Ngangikhona; ngiyobakhona.” Kodwa, “NGIKHONA,” uhlala efana, onguye izolo, namuhla, naphakade. Uyinkathi yamanje. Yena... Lokho kuqhathaniseka namaHeberu 13:8, “UJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade.”

⁹⁹ Kuselokhu kuyilo iZwi elaprofethwayo. Futhi, inhlangano yebandla, eyayizohlangana okwesisila sejuba naleloZwi, ulwazi lwalolusuku. Abaguquli babanalo, o, kodwa lolu ngolunye usuku. Niyabona ukuthi sukuluni esiphila kulo. Njengoba nje Wayengenakufika, ngezinsuku Afika ngazo emhlabeni, nge—ngendlela uMose afika ngayo, noma yimuphi wabaprofethi afika ngayo; akuprofethwanga. Futhi ngalolu izinsuku zokugcina, kuprofethwe ukuba kufike ngalendlela. Kungeke kwafika ngesimo semvuselelo kaLuther. Kungeke kufike ngesimo semvuselelo kaWesley. Yihora lokubuyisela. Yisikhathi sokuthi kufanele kubuyele emuva ekuKhanyeni kweNdodana kwasekuqaleni, kwasekuqaleni.

¹⁰⁰ O, besingayibeka kanjani imiBhalo ngaphakathi, kulokho! Futhi nina bosiyazi bezenkolo, nivela kuyiphi ingxenye yezwe, niyazi ukuthi lelo yiqiniso. Yisethembiso. Yilokho okwenza abantu babeyinqaba kangaka. Yilokho okwenza abayingqaba, enibabiza kanjalo. Yingenxa yokuthi ba... yi... Iveli selivuliwe, emasikweni, futhi bayaKubona. Unguye izolo, namuhla, naphakade. Niyabo? Yi—yisethembiso sikaNkulunkulu, futhi singeke saphambana nalokho, ngoba imiBhalo ingepfulwe. Yebo. Sithola ukuthi Wethembisa lokho. Wazithululela Yena uqobo kubantu baKhe. Futhi Unguye izolo, namuhla, naphakade.

¹⁰¹ UMose, emva kokuba wayesehlele eGibhithe futhi wamemezela lokhu, khona-ke uBaba wawuqinisekisa umlayezo wakhe, ngokufika eNtabeni iSinayi, ngeNsika yoMlilo efanayo, futhi yavuthisa intaba ngoMlilo. Sike samqaphela na? Lowo Amnika isethembiso ukuba, Wamveza eneZwi. Wayenemiyalo. Futhi ukuba nalomyalo, wayefanele... Imiyalo kwakuyiZwi.

IZwi lalingakaze lifike kubantu nokho. Ngakho, iZwi njalo liza kumprofethi, futhi wayengumprofethi walelohora.

¹⁰² Njengokuthi, uJesu wayeyiZwi. UJohane wayengumprofethi. NoJesu weza kuye, emanzini, ngoba iZwi njalo liza kumprofethi, ngaphandle kokwehluleka. Niyabo? IZwi liza kukho.

¹⁰³ Ngakho, uMose, iZwi leza kuye, imiyalo. Futhi wayenayo. Manje, ngani na? Ngaphambi kokuba iZwi likhishwe futhi libonakaliswe, uMose wafanele amboze ubuso bakhe, ngoba iZwi lalingakabonakaliswa ngokupheleleyo. Bazi ukuthi kukhona okwakwenzekile, kodwa abazanga ukuthi kwakuyini, ukubhonga nokuduma. Baze, bathi, “Makukhulume uMose, kungabi uNkulunkulu.”

¹⁰⁴ NoNkulunkulu wathi, “Awu, Ngizokwenza lokho. Kusukela manje kuqhubeke, Angisophinde ngibonakale kanje. Ngiyobathumela umprofethi. Ngakho uzo...Ngiyokhuluma ngomprofethi waMi.”

¹⁰⁵ Manje, uma uMose, nomthetho wemvelo, (njengoba uPawulu, kwabaseKorinte besiBili lapha, esembulele), wafanele amboze ubuso bakhe ngokwemvelo, kuyoba nenkazimulo kangakanani okoMoya futhi kumboziwe kongakholwayo ngaphambi kokuba kubonakaliswe kubo! Bayobiza kangakanani...UMose wayeyinqaba. Bayonibiza kangakanani, ogqobhoze iveli, wangena eNsikeni yoMlilo, futhi uphuma neziBusiso! Futhi manje nimboziwe. Abantu abakwazi ukukubona. Abakwazi ukuKuqonda.

¹⁰⁶ “Uma okwemvelo kunenkazimulo, kuyoba ngakanani okungaphezu kwemvelo! Uma okwemvelo, okwakunokuphela kukho, kwakuzoba nenkazimulo, kuyoba nenkazimulo kangakanani Lokhu, okungenakuphela kukho!”

¹⁰⁷ Kodwa, namanje, Kumboziwe. Akumboziwe kokholwayo, kodwa kongakholwayo. Angeke akwazi ukukubona. UNkulunkulu njalo Uyazemboza kongakholwayo. Amasiko ayaKufihla. Njengoba benza ngaleyonkathi, bayakwenza namhlanje.

¹⁰⁸ Lelo kwakuyiveli lomoya esinalo manje, lapho iveli lemvelo lalikhona. Kwaqinisekiswa ngumprofethi neZwi elilotshiwe, oprofethayo, lowo oza neZwi elilotshiwe, ukuLicacisa.

¹⁰⁹ Babazi ukuthi iZwi lalilapho, kodwa babengazi ukuthi Lalichaza ukuthini. NoMose waLicacisa. Wathi, “Umyalo usho *Lokhu*, futhi yingakho *lokhu*.” WaLicacisa. Futhi ngaphambi kokuba Licaciswe, Lalemboziwe.

¹¹⁰ Futhi kunjalo, nanamhlanje, limboziwe kubantu, Lize lembulwe futhi licaciswe kubantu. UNkulunkulu, uNkulunkulu umninimandla, embozwe enyameni yomuntu, iZwi. Qaphelani. Manje sithola ukuthi Lalifihliwe kongakholwayo, kodwa lembulwa kokholwayo.

¹¹¹ Qaphelani, uMose wayefanele angene kuleNsika yoMlilo, yedwa. Akekho owayengahamba naye. Kwakungesikho... ku... Kukhuluma ukuthini lokho kithi na? Ukuthi awungeni kulokhu ngokujoyina iqembu lePentecostal. Niyabona na? Akazange aLembule eqenjini. Walembula kumuntu ngamunye. Futhi kungaleyondlela namhlanje. Wena uthi, “Ngisonta e—ebandleni. Ngi—ngisonta kulokhu.” Kodwa lokho ngeke kusebenze. Niyabona na?

¹¹² Futhi nayinoma ngubani ukuba azame ukulandela uMose, ukukulingisa, kwakungukufa. Futhi kunjalo nanamhlanje, ukufa kokomoya, ukuzama ukulingisa. Yilokho oku... .

¹¹³ Kulobubusuku, singena kukho, kuvuka phakathi kwamaqembu, ukuqhathanisa kwenyama; othile azame ukwenza njengaKho, futhi aphile impilo ehlukile; angaphuza, angabhema, abesifazane bangaphila nayikanjani... kakhulu noma ngayiphi indlela abayifunayo, futhi njengezwe, futhi bahlale ekhaya bese bebuka ithelevishini, nezinto zezwe, futhi bebe besalokhu bezibiza ngamaPentecostal. Bazama ukulingisa into yangokoqobo. Akukembulwa neze kubo, namanje. Nxa seLembuliwe, kunenkazimulo, futhi into ethile isusa lokho kuwe uma uhamba ungene Lapho. Uba yiveli. Ku... Kungeke nje kusebenze. Futhi ukukulingisa kwakungukufa.

¹¹⁴ UMose emboziwe; wayeyiZwi eliphilayo kubantu. Futhi namhlanje, abantu abamboziwe bayinto efanayo. “Bayizincwadi ezilotshiweyo, ezifundwa ngumuntu wonke.” Hhayi incwadi *entsha*; kodwa iNcwadi elotshiweyo, yabonakaliswa. Yi—yilabo abakholwa yiZwi nesethembiso salolusuku, ukuthi uNkulunkulu uthulula uMoya waKhe, phezu kwayo yonke inyama, futhi lowo yizincwadi ezilotshiwe. Futhi lapho umuntu ezama ukulingisa lokho ngokwenyama, kuqhuma ngemuva. Impilo yakho iyakhombisa lokho oyikho.

¹¹⁵ Ngesinye isikhathi kwakukhona umfana, wayengene enkathazweni ethize. Wayengumfana olungileyo, kodwa waya enkantolo. Nomahluleli wathi, “Ngikuthola unecala. Ngifanele ngikujezise ngokudilikelwa yijele.”

¹¹⁶ Wathi, “Ngifuna ukuzihlolela icala lami.” Wathi, “Ngifuna ukuzibhekela irekhode lami.”

¹¹⁷ Wathi, “Awunarekhode. Irekhode lakho yilokho okukulahlile.”

¹¹⁸ Futhi kungaleyondlela namhlanje, isizathu sokuba ibandla lingaqhubeki njengokuba lifanele. Yirekhode. Yimpilo. Sifanele sibe ngabazinikele kakhulu. Sifanele silikholwe lonke iZwi likaNkulunkulu. Sifanele sifune lize leloZwi lenziwe libe yilo ngempela kithina. Niyabo? Niyabo? Irekhode yilokho okusigcina singangeni.

¹¹⁹ Kodwa, ngesinye isikhathi, (ukukukhipha kulesisihibe), kulenkantolo efanayo, umfana wayengenamali.

Wayengenakulihlawula. Inhlawulo yayile ezinkulungwaneni zamadola. Kodwa wayenomfowabo omkhulu owafika walihlawulela yena.

¹²⁰ Manje, sinoMfowethu omkhulu, uJesu, iNdodana kaNkulunkulu. Futhi Ufika ukuzolihlawulela thina, uma nje sizokukholwa futhi sikwazi ukungena evelini kanye naYe. Njengokuthi, UnguMose wethu. UJesu unguMose wethu wanamhlanje. UMose, emboziwe, wayeyiZwi eliphilayo kubantu. Namhlanje, uJesu, emboziwe, uyiZwi eliPhilayo kubantu, ukuthi, uJesu eBandleni. UMoya oNgcwele, iNdodana kaNkulunkulu kubantu, embula iZwi ngesethembiso sanamhlanje, kukwenza kube yikho impela nje. Kuyafana manje.

¹²¹ Futhi khumbulani, uMose wakwenza lokhu, futhi wakubonakalisa lokhu, kungesikho kulolonke izwe, kodwa kubantu bophumo, uhlobo olulodwa nje lwabantu, lolu kwakuyilabo abaphuma ophu- . . . ophumweni.

¹²² Futhi namhlanje, uMoya oNgcwele, ebusweni babantu othi, “Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu akulungile.” Ngenkathi ngithintana . . .

¹²³ Udokotela wangibiza, ngeliny’ilinga, ngenenekazi elincane, o, sekubekhona udaba olune noma oluhlano lapho, belele nje sebesesikhathini sokufa, ebanika amahora, futhi uMoya oNgcwele wabaphulukisa. Udokotela wayekubuza. Wathi, “Kungenzeka kanjani lokhu na? Ngani,” wathi, “Ngi—ngi . . . Leso isiguli sami.”

¹²⁴ Ngathi, “Kwakuyiso. Kodwa manje kwase kungesikaNkulunkulu. Si—si, singaphansi kwaKhe manje.” Niyabo?

¹²⁵ Futhi ngakho niyabo ukuthi kuyintoni, ukuthi uNkulunkulu ubiza uphumo, ukuba kuphunywe emva kwekhehethini lenyama ozama ukulingisa, ozama ukujoyina ibandla; kungesiyo iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, onke, kodwa amabandla amaPentecostal. Kuludaba lomuntu ngayedwa. Nguwe noNkulunkulu. Ufanele ungene, hhayi iqembu lakho, hhayi ibandla lakho, hhayi umelusi wakho, kodwa nguwe ofanele ungene.

¹²⁶ Ngifuna niqaphele esinye isimilo sikaMose, ngenkathi ephuma. Nokho, engumprofethi, engumuntu omkhulu ayenguye, ngenkathi ephuma neZwi, abantu babona ukuthi wayeseguquliwe. Kukhona okwase kwenzeke kuye. Ngenkathi ephuma neZwi eliqinisekisiweyo lalELOhora, Imiyalo, wayesengumuntu oguquliwe.

¹²⁷ Kanjalo nawe uyoba njalo, lapho uphuma emva kwaleloveli lobuntu elingawuhleka umhlangano onjenga lo; lowomuntu okhubekayo ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, futhi athi izinsuku zezimangaliso selwedlule. Uyaqathaka emva

kwaleloveli lobuntu lapho, iveli lamasiko, futhi wonke umuntu uzokwazi ukuthi kukhona okwenzeke kuwe.

¹²⁸ NjengoMfowethu ohloniphekileyo, uJim Brown. Sengathi ngiyabona iningi lamaPresbyterian liyazi ukuthi kukhona okwenzekile kuye, ngoba u—uphuma emva kweveli lamasiko. Wabona okuthize kubantu, okwamkhangayo, futhi waphuma emva kweveli.

¹²⁹ Awu, wena, lapho uphuma emva kweveli, uyoba sobala ngokugcwele kubantu ngaleyonkathi, ukuthi bayakwazi ukubona ukuthi kukhona okwenzekile kuwe. IZwi elimboziwe, kongakholwayo, kodwa lisobala ngokugcwele kokholwayo. “UJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade.”

¹³⁰ Khona-ke, kwakunguNkulunkulu. Ngalezozinsuku, kwakunguNkulunkulu kuMuntu, iNdodana yaKhe, uJesu Kristu. Siyakukholwa lokho. Hhayi nje umprofethi, hhayi nje indoda ejwayelekile, umuntu ojwayelekile. KwakunguNkulunkulu ekuKristu; uNkulunkulu kuMuntu; ukugwala kobuNkulunkulu, ngokomzimba kuMuntu. UNkulunkulu kuMuntu!

¹³¹ Manje nguNkulunkulu emadodeni, ukugcwala kukaNkulunkulu ebuNkulunkulwini, ngokomzimba eBandleni laKhe lonke, eZibonakalisa, egwalisa iZwi laKhe.

¹³² Manje siyathola, uNkulunkulu, yonke iminyaka, ubenesikhumba kuLo. Yena, uNkulunkulu, ubefihlakele emva kweveli.

¹³³ Nje kungikhumbuza nge—ngendatshana eyenzeka ezansi eNingizimu. Futhi ngakho kwakukhona ikhaya lamaKristu. Futhi kulelikhaya lamaKristu babemkholwa uNkulunkulu, futhi ba—babecabanga ukuthi—ukuthi uNkulunkulu wayebavikela kuzo zonke izinkathazo. Futhi, okungukuthi, Uyakwenza. Futhi babenoJunior omncane, umfanyana othi akabe neminyaka eyisikhombisa noma eyisishiyagalombili ubudala. Futhi—futhi waya kuSonto sikole futhi wayengumfana omncane omuhle kabi. Kodwa wayesaba esiphephweni, ikakhulu lapho umbani wawubaneka.

¹³⁴ Futhi ngakuxoxela indoda, lokhu ngeliny’ilanga, ngenkathi lesisiqephu sasiphumile mayelana nalendoda ngokuba iphulukisiwe. Yena lomfundisi wathi, “Bakwenza unkulunkulu, Mfowethu Branham.”

¹³⁵ Awu, wayengumgxeki, ngakho ngacabanga ukuthi ngizovele nje ngikwephule, kancanyana nje. Kungabi ukulimaza, niyazi, kodwa nje ukuthi. . . Ngathi, “Ngabe lokho kukude kakhulu yini nomBhalo, ukuba kube njalo na?” Niyabo? Ngathi, “Qha, akukude,” ngathi, “Ngoba uJesu wabiza abaprofethi ngokuthi ‘onkulunkulu.’ Niyabo? Kunjalo, ‘Nkulunkulu.’”

¹³⁶ Futhi bathi, “Awu, ninabantu nizama ukuthatha indawo kaNkulunkulu.” Lokho akuqhelile kakhulu. Kuyilokho impela. Yikho impela. UNkulunkulu wabonakaliswa enyameni, njengoba Athembisa nje.

¹³⁷ Lomndeni omncane, siyathola. Ngamxoxela ngalendatshana, futhi efika emqondweni wami njengamanje. Ukuthi, ngobunye ubusuku kuqubuka isiphepho, nomama wathi kuJunior, wathi, “Manje, khuphukela esitezi esiphezulu, ndodana, futhi uye embhedeni.”

Wathi, “Mama, ngiyesaba,” washo.

“Akukho lutho oluzokulimaza. Qhubeka ukhuphuka bese uya embhedeni.”

¹³⁸ UJunior omncane walala phezulu lapho, nombani ubaneka emafasiteleni. Nomfo omncane washaywa wuvalo kakhulu, wayelithi ne ikhanda lakhe phansi kwekhava, futhi wayelokhu esawuzwa u—umbani, noma ewubona umbani ubaneka emafasiteleni, futhi—futhi elizwa izulu liduma. Ngakho wathi, “Mama!”

Futhi wathi, “Ufunani, Junior na?”

Wathi, “Khuphuka uze lapha ulale kanye nami.”

¹³⁹ Ngakho uyakhuphuka ngezitebhiso, njengoba kungenza noma yimuphi olungileyo, umama owethembekile. Futhi wakhuphuka, wayesemthatha uJunior omncane ngezingalo zakhe. Wayesethi, “Junior, umama ufisa ukukhuluma nawe umzuzwana nje.”

Wathi, “Kulungile, mama.”

¹⁴⁰ Wathi, “Manje ufanele ukhumbule lokhu. Siya esontweni, njalo njalo. Sifunda iBhayibheli. Siyakhuleka. Singumndeni ongamaKristu. Sikhollewa kuNkulunkulu.” Futhi wathi, “Sikholwa ukuthi, eziphephweni nanoma yini eyenzekayo, uNkulunkulu uyisivikelo sethu.”

¹⁴¹ Wathi, “Mama, ngikukholwa konke nokuncu kwalokho. Kodwa,” wathi, “lapho lowombani ususeduzane kakhulu,” wathi, “ngi—ngifuna uNkulunkulu onesikhumba kuLo.”

¹⁴² Ngakho, ngi—ngicabanga, akusuye uJunior kuphela, kodwa thina sonke sizwa ngaleyondlela. Lapho sihlangani ndawonye, lapho sikhulekelana, uNkulunkulu onesikhumba kuLo.

¹⁴³ Futhi siyathola lapha ukuthi uNkulunkulu ubehlala njalo enesikhumba kuYe. Ngenkathi uMose eMbonile, Wayenesikhumba kuYe, wayebukeka njengoMuntu. Ngenkathi uNkulunkulu esemva kwamakhetini, Wayenesikhumba kuYe. Futhi uNkulunkulu, kulobubusuku, eBandleni laKhe, wemboziwe eBandleni laKhe ngesikhumba kuYe. UsenguNkulunkulu ofanayo, kulobubusuku. Siyakuthola lokho.

144 Kodwa manje, njenganininini, iveli lesikhumba yilo elibamba amasiko. Abakwazi nje ukukholwa ukuthi lowo nguNkulunkulu enza labobantu baziphathe kanjalo. Niyabo? Yingoba uNkulunkulu uzemboze eBandleni laKhe, esikhumbeni, isikhumba kuLo. Kunjalo. Ufihlakele kongakholwayo, futhi wembula kokholwayo. Yebo, mnumzane.

145 Manje, lapho iveli labo lesiko, lamasiko amalunga neZwi, kugqojoziwe, o, kusobala, namhlanje, bese lihlala obala, siyaMbona, ubuNkulunkulu futhi bumbozwe enyameni yomuntu. AmaHeberu 1 asho njalo.

146 NoGenesisi 18 futhi. Niyakhumbula, uNkulunkulu wayenguMuntu, emi lapho, edla, futhi ekhuluma no-Abrahama, futhi wakusho okwakwenziwa nguSara ethendeni emva kwaLo.

147 NoJesu wathi, “Njengokuba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba-njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” UbuNkulunkulu bumboziwe futhi enyameni yomuntu! Manje, khumbulani, uJesu akashongo ukuthi, “Lapho iNdodana kaNkulunkulu yembulwa.” KuLuka isahluko se 17, ngiyakholwa, futhi cishe elama 20, ivesi lama 21, kulezondawo nje, Wathi, “Futhi lapho iNdodana yomuntu yembulwa.” INdodana yomuntu, ibuyela e—e—eBandleni futhi, yembulwa ezidalweni ezingabantu; hhayi iNdodana kaNkulunkulu, kodwa iNdodana yomuntu futhi, ibuyela eBandleni laYo futhi, ngezinsuku zokugcina. Sithola ukuthi Yakwethembisa lokho ezethembisweni zikaNkulunkulu.

148 Siqaphela enye into, eTestamenteni eLidala. NginomBhalo lapha, ku-Eksodusi. Ukuthi, izikhumba ezindala zamatahasi, zazenani na? Safihla iNkazimulo kaNkulunkulu kubantu. Izikhumba zamatahasi; ngisho abantu abakwazanga ukuLibona, ngoba kwakuyisikhumba esasiLibambile. Isikhumba sasi...iNkazimulo kaNkulunkulu yayingemva kwesikhumba.

149 Futhi manje iNkazimulo kaNkulunkulu isemva kwesikhumba sakhoh. Kunjalo. Namasiko awaYiboni. Kungaphakathi kweveli, lapho iZwi laKhe lalikhona.

150 Kwakukhonani ngaphakathi kwalezozikhumba, emuva lapho, izikhumba ezindala zamatahasi na?

151 Okungukuthi, “Kwakungenabuhle ukuba siLifise. Futhi ngenkathi Lenziwa inyama futhi lakha phakathi kwethu, Laliseyilokhu lingenabuhle ukuba siLifise.”

152 Futhi manje into efanayo inamhlanje. Akukho lutho kowesilisa noma owesifazane, olungafiswa. Yilokho okungemuva lapho. Kuyilokho okuyikho. “Awu,” wena uthi, “lowomfo, ngiyamazi wayevamise ukuba yisidakwa. Wayevamise ukwenza *lokhu*.” Anginandaba ukuthi wayevamise ukwenzani. Yini efihlwe emva kwalesosikhumba na? Yini esemva kwalapho, yilokho okusemqoka. Yilokho oku, abantu

uphuphuthekile. Isikhumba siphuphuthekisa abantu. Niyabo? Bathi, “Ngikhumbula ngenkathi lowo wesifazane wayejwayele.” Ngiyazi ukuthi wayejwayele ukwenzani, kodwa kuthiwani manje na? Niyabo?

¹⁵³ Uma lezozikhumba, esake saba setahasini, kodwa manje sifihla iNkazimulo kaNkulunkulu, iLimboze emva kwaso. Yayisesilwaneni, kodwa manje isimboze iNkazimulo kaNkulunkulu.

¹⁵⁴ Futhi kanjalo isikhumba sakho singaguqulwa, kulobubusuku, ukuba senziwe indawo yokumboza kaNkulunkulu, uNkulunkulu akhe esintwini.

¹⁵⁵ Bukani. Izikhumba ezindala zamatahasi, sithola ukuthi, emva kwaso kwaku... Ngaphakathi kwalapho kwakuyiZwi. Futhi, iZwi, kwakukhona futhi isinkwa sokubukwa. Umphongolo wawufafazwa. Futhi kwakuyini na? INkazimulo yeShekina yayiphakathi lapho.

¹⁵⁶ Manje, iZwi liyiMbewu, futhi Ingeke yathela aze A... Ishaywe yiNdodana. INdodana ifanele ibe phezu kweMbewu, ukuYenza ithele, ukuYenza ivele. Futhi yileyondlela kuphela. Thatha iZwi, niyabo, thatha iZwi likaNkulunkulu lingene enhliziyweni yakho, bese uhamba ungene eNkazimulweni yeShekina. Futhi uma ukwenza, Kuyoletha isinkwa sokubukwa, iMana, esinikwa kuphela abantu abehlukanisiwe. Into kuphela engasidla, evunyelwe ukusidla, ngabantu nje abavunyelwe futhi oSaziyo. UPawulu washo lapha, “Siguquka sisuka eNkazimulweni siye eNkazimulweni.” Niyabo, ekugcineni, Ifika ize Ibuyele eNkazimulweni yaYo yasekuqaleni.

¹⁵⁷ Kunjengembewu nje yenkazimulo yasekuseni. Imbewu yembali, iwela emhlabathini. Inhlamvu yombila iwela emhlabathini. Yini into yokuqala na? Iyamila, futhi kuyiklume elincane. Bese iya entshakazeni. Khona-ke, kusukela entshakazeni, ibuyela emuva ohlamvini lwayo lwasekuqaleni.

¹⁵⁸ Awu, yilokho impela iBandla elikwenzile. Liphuma kuLuther, uWesley, futhi manje libuyela emuva oHlamvini lwasekuqaleni, libuyela eNkazimulweni yaLo yasekuqaleni, libuyela eNkazimulweni Elaliyiyo ekuqaleni. INdodana eyaphuma eMpumalanga, yiNdodana efanayo ebonakalisa into efanayo eNtshonalanga, liguquka lisuka eNkazimulweni liya eNkazimulweni. Laguquka lisuka ebuhedenini, lehla layongena kuLuther; futhi kusuka kuLuther, lehla layongena kuWesley; futhi ukusuka kuWesley, laphuma layongena ePhentekoste; futhi kuqhubeke njalo njalo, liguquka lisuka eNkazimulweni liye eNkazimulweni, liveza iMana efihliwe.

¹⁵⁹ Futhi manje seLiyavuthwa ukuMbuyisa nse njengoba Wayenjalo ekuqaleni, inkonzo yaKhe efanayo; uJesu ofanayo, amandla afanayo, uMoya oNgcwele ofanayo. Yena Lowo ofanayo owehla ngoSuku lwePhentekoste, nguMoya oNgcwele

ofanayo obonakaliswa namhlanje, ukusuka eNkazimulweni kuya eNkazimulweni, kuya eNkazimulweni. Futhi kubuyela emuva eMbewini yaKho yasekuqaleni, ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele; ngezibonakaliso ezifanayo, izimanga ezifanayo, umbhaphathizo ofanayo; uhlobo olufanayo lwabantu, lwenza ngendlela efanayo, namandla afanayo, idlingozi elifanayo. Kungukusuka eNkazimulweni kuya eNkazimulweni. Futhi okulandelayo kuzoba, “Guqulwa kusuka kuleNkazimulo, kungene emzimbeni njengoMzimba waKhe uQobo okhazimulisiweyo, lapho esiyakuMbona khona.” U-Abrahama wabona okufanayo.

¹⁶⁰ Manje qaphelani. Siyabona ukuthi kwaguqulwa kanjani. Kusukela eKalvari, siyamenywa ukuba sabelane iNkazimulo yaKhe. Manje, kwabaseKorinte bokuQala 12, “Sibhaphathizelwe eMzimbeni waKhe. NgaMoya munye thina sonke sibhaphathiziwe.” Hhayi “ngamanzi” manye. “Moya munye, thina sonke sibhaphathiziwe.” Kunjalo, manje, beseke siba yingxenywe yaKhe.

¹⁶¹ Ngethemba ukuthi anginigcini isikhathi eside kakhulu. [Ibandla lithi, “Qhabo.”—Umhl.] Niyabo? Ngiyethemba anginjalo.

¹⁶² Kodwa, ngukuvumelana nje kwamaphimbo nezinsimbi ekuhlabeleleni, noma ukudlala umdlalo wasesiteji.

¹⁶³ Angazi kakhulu kangako ngokuvumelana kwamaphimbo nezinsimbi ekuhlabeleleni noma umdlalo wasesiteji. Kodwa ngangibuka lomdlalo... Ngangikhuluma ngo*Carmen*, ngenkathi indodakazi yami nabanye ekuwo. Futhi ba—futhi babedlala kulokhu ukuvumelana kwamaphimbo nezinsimbi ekuhlabeleleni, kwi*Carmen*. Babedlala. Umculo wa—wa—wawudlala into efanayo.

¹⁶⁴ Kungaleyondlela uma ubhaphathizwe ngoMoya oNgcwele, kuKristu.

¹⁶⁵ Manje, niyabo, iningi lenu lifundile noma layizwa indaba yomqambi omkhulu ongumRashiya owaqamba u*Peter and the Wolf*. Nokuthi kanjani yena, bayakudlala lokho ngemifanekiso nakho konke. Futhi noma ubani oyaziyo indaba, lokho kufundwa ephapheni, futhi ungakuzwa lokho kuvumelana kwamaphimbo nezinsimbi ekuhlabeleleni, ukuthi kudlalwa kanjani lokho, umdlalo wasesiteji, ukuwudlala, ngani, bazi konke ukuguquka. Bangakubuka *lapha*, futhi babone ukuguquka.

¹⁶⁶ Kodwa, manje, kwenzekani uma u—uma umqambi ebhala okuthize, futhi sithole ukuthi awudlalwa nje kahle na? Siyathola-ke ukuthi kukhona okwenzekayo. Kukhona okusileleyo, lapho sibabona. Lo owawuqambayo uye wawenza wase ewubhala, futhi khona-ke ukuvumelana kwamaphimbo nezinsimbi ekuhlabeleleni kuyawudlala, kushaye inothi

okungesilo. Kukhona okungalungile. Umbhidi unyakaze ngephutha. Niyabo?

¹⁶⁷ Futhi yileyondaba namhlanje, bazalwane bami beLuthela, bazalwane bami beBaptisti, bazalwane bami bePentecostal. Bonke abazalwane bami bakuwo onke amahlelo ehlukena, kuyilokho-ke. Niyabo? Nizama ukunikeza inothi elishaya emuva ezinsukwini zikaLuther, uWesley, kanjalo, kanti i, eqinisweni, iShadi lomculo lapha liyakhombisa ukuthi sekungolunye usuku. Niyabo? Niyabo? Niyabo? Singeke saphila ekukhanyeni kukaLuther; wayengunguquli. Siyasibonga isigaba sakhe—sakhe, kodwa sikudlale sakuqeda lokho. Sesikude *ngapha* kwingemuva leNcwadi manje. Niyabo? Singeke—singeke saWudlala kanjalo.

¹⁶⁸ Manje, indlela kuphela eniyoze nikwazi ngayo ukukwenza, bazalwane bami, yile. Nani bazalwane bezwe, basezingxenyeni ezehlukene zezwe, ngingasho ukuthi, yinye kuphela indlela yalowo—yalowombhidi yokuba ayenze. Ufanele angene eMoyeni ofanayo uMqambi ayekuwo, khona-ke useYitholile. Futhi lapho iBandla, ukuVumelana kwamaphimbo nezinsimbi ekuhlabeleleni ngokwaKho, lapho izwe libheke lezizibonakaliso nezimangaliso; nxa iBandla, noMqambi, nombhidi, bonke bengena eMoyeni woMqambi.

¹⁶⁹ Khona lapho bethi, “Izinsuku zezimangaliso selwedlule,” akushayi inothi eliyilo.

¹⁷⁰ Kodwa lapho lingena kahle endaweni yaLo, nomoya oyiwo waLo; Uzokwenza kanjani aze uMoya ehle, woMqambi na? Amen. Khona-ke lapho uthi, “Izinsuku zezimangaliso azedlulanga neze,” ukuVumelana kwamaphimbo nezinsimbi ekuhlabeleleni kumemeza kakhulu, “Amen!” Nxa sishaya, sithi, “UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade,” ukuVumelana kwamaphimbo nezinsimbi ekuhlabeleleni kumemeza kakhulu, “Amen!” “Niyomukela amandla emva kwalokhu uMoya oNgcwele esefikile phezu kwenu.” UkuVumelana kwamaphimbo nezinsimbi ekuhlabeleleni kuyamemeza, “Amen! NgiWutholile!” Akusesiwo umqagelo ngakho ngalesosikhathi. UkuVumelana kwamaphimbo nezinsimbi ekuhlabeleleni konke kuzwana kahle neZwi. Ku. . . [UMfowethu Branham ushaya ihlombe—Umhl.] Yilokho-ke. O! Kuyinto enhle kakhulu. Umbhidi noMqambi bafanele babeseMoyeni ofanayo. Futhi kanjalo nezazi zomculo zifanele zibe seMoyeni ofanayo, ukuKudlala konke. Nezwe liyamangala ukuthi kwenzekani.

¹⁷¹ Ubukhomanisi abakhuluma ngakho, futhi bungicasulile ngakho, nakho konke lokhu ukuhlanganiswa, nakho konke okunye, nobandlululo. O, bakithi! Okunje, wonke lombhedo, lapho ukuFika kweNkosi sekuseduze, kukhona okushaya

ngokungesikho. Ngiyesaba ukuthi umbhidi une... Ababhidi baphumile eMoyeni woMqambi.

¹⁷² Lapho sithola lowoMoya woMqambi, lawomandla asekuqaleni kaNkulunkulu ukuthi iBhayibheli lathi, “Amadoda asendulo aholwa nguMoya oNgeweke ukuloba leliBhayibheli,” uzozibona lezozigephu ezimbili zeShayina zizohlangana ndawonye, njengeBhayibheli likaNkulunkulu nje nekhohla kuzohlangana ndawonye, ngoba bobabili baseMoyeni ofanayo. Bobabili bayinto efanayo. Bahlangana ndawonye thaqa okwesisila sejuba. Esikudingayo namhlanje ababhidi, kunjalo, kubuyelwe eZwini, kubuywe futhi Likhohle njengoba Lasho nje. Khona-ke ubona uNkulunkulu, qobo lwaKhe. Lokho kungukwembulwa. Umdlalo wasesiteji wenziwe waba yiwo ngempela.

¹⁷³ Namhlanje, bathi, “Awu, UguNkulunkulu womlando. Siyazi Wanqamula oLwandle oluBomvu. Wenza konke *lokhu*. Futhi Wayesesi—sithandweni somlilo, nabantwana bamaHeberu.” Usiza ngani uNkulunkulu womlando, akunjalo, uma Engafani nanamhlanje na? Umuntu uhlala njalo edumisa uNkulunkulu ngalokho Akwenzayo, ecabanga ngalokho Azokwenza, futhi angakunaki Akwenzayo. Lokho nje kukumuntu ukwenza lokho. Futhi kuyinto efanayo namhlanje, bazalwane bami. kuyinto efanayo impela. O, he!

¹⁷⁴ Asibuyele emuva futhi sidlalise kahle ukuVumelana kwamaphimbo nezinsimbi ekuhlabeleleni, lapho izwe lingabona khona. UJesu wathi, “Uma Ngiphakanyiswa kulomhlaba, Ngiyakubadonsela kiMi bonke.” Futhi, “Unguye izolo, namuhla, naphakade.”

¹⁷⁵ Ababhidi mabangene eMoyeni oyiwo, kanye nabaculi kanye noMqambi, konke kuzobakahle. Khona-ke si, akukho-mqagelo mayelana nawo, sibandakanywa kanye naYe khona-ke. AmaHeberu 13:8 athi, “Unguye izolo, namuhla, naphakade.”

¹⁷⁶ Sibandakanywa kanye naYe eZenzweni 2. Sibandakanywa kanye nabo, ngombhaphathizo ofanayo, into efanayo. Konke Ayeyikho ngaleyonkathi nakho konke Ayikho, konke Ayeyikho nakho konke Ayikho, siyikho. Yilokho impela.

¹⁷⁷ Njengoba nje uma ngifuna ukuba ngumMelikana weqiniso, ngifanele ngibandakanywe nakho konke eyayiyikho, yonke into eyiyo. Ngifanele ngibandakanywe kanye nayo, uma ngingumMelikana weqiniso.

¹⁷⁸ Uma ngingumMelikana weqiniso, khona-ke ngehlela ePlymouth Rock. Amen. Ngakwenza, uma ngingumMelikana. Kanjalo nawe; wehlela ePlymouth Rock nobaba abayizihambi. ePlymouth Rock, ngenkathi behla laphaya, ngangikanye nabo; wawunjalo nawe, wonke umuntu.

¹⁷⁹ Ngagibela noPaul Revere, ezansi ngqo nomgwaqo, ukweuyexwayisa ngengozi. Kunjalo impela.

180 Ezansi ngqo lapha eValley Forge, nganqamula iDelaware eno ayisi, nesigejane samasosha a, ingxenye yawo, ayengagqoke-zicathulo. Ngakhuleka ubusuku bonke noGeorge Washington, ngaphambili. Nganqamula iDelaware ngingombono enhliziyweni yami. SingamamMelikana. Yebo, mnumzane. EValley Forge, impela ngakwenza.

181 Ngabonga kanye nobaba bokuBonga basekuqaleni. Ngabonga kuNkulunkulu. Uma ngingumMelikana wangempela, ngabandakanywa lapho kulelotafula.

182 Uma ngingumMelikana wangempela, ngabandakanywa ngenkathi ngimi noStonewall Jackson.

183 Uma ngingumMelikana wangempela, ngabandakanywa eBoston Tea Party, yebo, mnumzane, ngenkathi senqaba ukuba siluthwe. Awu, ngingumMelikana wangempela. Ngabandakanywa lapho kanye nalokho. Yebo, mnumzane. O, he!

184 Ngashaya iNsimbi yeNkululeko, ngolokuqala luka Julayi ziyi 4, ngo 1776. Ngashaya iNsimbi yeNkululeko lapha futhi ngamemezela ukuthi sesizimele. Ukuze ngibe ngumMelikana wangempela, ngangifanele ngikwenze.

185 Ngabandakanywa kanye nehlazo layo kuMbhedukazwe, ngenkathi umfowabo elwa nayo. Ngifanele ngilithwale ihlazo layo, ngokufanayo njengoba nje ngifanele ngithwale udumo lwayo. Uma ngingumMelikana, ngifanele. Ngabandakanywa kanye nayo. Yebo, mnumzane.

186 Ngabandakanywa eGettysburg ezansi lapho, ngenkathi uLincoln enza inkulumo yakhe. Yebo, mnumzane.

187 NgangiseWake Island, phezu kwalowomzimba wesosha owawunegazi. Ngavuka eWake Island.

EGuam, ngasiza ukuphakamisa lelofulege.

188 NgingumMelikana wangempela. Amen. Konke eyikho, ngiyikho, futhi ngiyaziqhenya ngakho. Yebo, impela. Konke iMelika ebiyikho, konke eyikho, ngiseyilokho, ukuba ngibe ngumMelikana. Konke eyayiyikho, ngifanele ngibe yikho, ngoba ngibandakanywa kanye nayo.

189 Into efanayo, ngokuba ngumKristu weqiniso, ufanele ubandakanywe kanye nakho.

190 Ngashumayela noMose, nempi-. . . noma noNowa, futhi ngexwayisa abantu ngokwehlululwa okuzayo; ukuba ngumKristu wangempela.

191 NganginoMose esihlahleni esivuthayo. Ngabona iNsika yoMlilo. Ngabona iNkazimulo yaKhe. NganginoMose phezulu lapho ehlane, ukuba ngumKristu. Ngifanele ngibandakanywe nazo zonke izinto uNkulunkulu ayeyizo, ukuba ngumKristu. Ngiyibonile inkazimulo yaKhe. Ngalizwa iphimbo laKhe.

Ungazami ukukuchaza ukudedise kimi manje, ngoba ngangilapho. Ngiyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Ngibonile ukuthi kwenzekeni. Yebo, mnumzane.

¹⁹² NgangisoLwandle oluBomvu, ngenkathi ngibone uMoya kaNkulunkulu wehlela phansi futhi wehlukhanisa amanzi esuka ngakwelinye icala; hhayi ngokudabula esixhekeni somhlanga, lokho abazama ukukusho namhlanje, kodwa ngokudabula cishe olwandle olungamafidi angamashumi ayisishiyagalolunye. Ngiwubonile uMoya kaNkulunkulu. Ngahamba noMose sidabula kulowomhlabathi owomileyo, ngaphesheya kwaloloLwandle oluBomvu.

¹⁹³ Ngama ngaseNtabeni iSinayi futhi ngawubona umdumo nombani uwa. Ngidla imbana nabo laphaya. Ngaphuza kuleloDwala. Ngisakwenza nakulobubusuku. Ngabandakanywa kanye nabadli-mana. Ngabandakanywa kanye nabo abaphuza eDwaleni.

¹⁹⁴ Futhi ngabandakanywa ngenkathi uJoshuwa ebetha icilongo, nezindonga zaseJerikho zawela phansi.

Ngangisemphandwini wezingonyama noDaniyeleli.

Ngangisesithandweni somlilo nabantwana bamaHeberu.

NgangiseNtabeni. . . noEliya eNtabeni iKameli.

¹⁹⁵ NganginoJohane umBhaphathizi, naphambi kwalabobagxeke. Ngawubona uMoya kaNkulunkulu wehla. Ngalizwa iPhimbo likaNkulunkulu lithi, “Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo eNgithokozile ukuhlala kuyo.” Yebo, mnumzane. Impela ngabandakanywa kanye naye. Kunjalo impela.

¹⁹⁶ Ngabandakanywa lapho ethuneni likaLazaru, ngenkathi Evusa uLazaru. Ngabandakanywa, owesifazane emthonjeni, ngenkathi Emtshela izono zakhe. Yebo, mnumzane.

¹⁹⁷ Impela ngabandakanywa kanye naYe ekufeni kwaKhe. Futhi ngabandakanywa ngePhasika lokuqala. Ngavuka kanye naYe ekufeni. Ngizibandakanya kanye naYe ekufeni kwaKhe.

¹⁹⁸ Nganginabayikhulu namashumi amabili, ekamelweni eliphezulu. Ngabandakanywa enhla lapho kanye nabo. Heyi! Ngi-ngizizwa nginokholo. O, he! Ngabandakanywa lapho. Ngingomunye wabo. Ngabandakanywa. Ngithole isehlakalo esifanayo ababenaso. Ngangilapho ngenkathi kwenzeka, ukuba ngumKristu weqiniso. Ngakufakazela ukuvunguza komoya onamandla kufika. Ngakufakazela lokho. Ngawezwa amandla kaNkulunkulu lapho ezamazama. Nganginabo lowo abakhuluma ngezilimi. Ngaluzwa ugcobo lungena lapho. Ngangikanye nabo. Ngabandakanywa kanye nabo ngenkathi uMoya oNgcwele uqala ukukhuluma ngezilimi, nabo.

¹⁹⁹ Ngangikanye noPetru, ngaphambi kwabagxeke eZenzweni 2, ngenkathi eshumayela intshumayelo enkulu ayenza. Ngabandakanywa naye. Yebo, mnumzane.

²⁰⁰ EZenzweni 4, ngenkathi bebuthana ndawonye, ngangikanye nabo ngenkathi isakhiwo sizamazama. Emva komhlangano womkhuleko, isakhiwo sazamazama lapho ababehlezi khona. Ngabandakanywa lapho kanye nabo.

Ngashumayela noPawulu eMars Hill. Yebo, mnumzane.

²⁰¹ NganginoJohane esiQhingini sasePhatmose futhi ngibone ukufika kwaKhe kwesibili.

NganginoLuther eNguqukweni.

²⁰² NganginoWesley, lesosikhuni; esephulwa emililweni, ngenkathi ukuvukela ibandla iSheshi okukhulu. Ngangilapho kanye naye.

²⁰³ Futhi ngilapha kulobubusuku, ngo 1964, ePhiladelphia, ePennsylvania, ngizibandakanye kanye nohlobo olufanayo lweqembu, nohlobo olufanayo lwesehlakalo. Ngifanele ngibe njalo, ukuba ngumKristu. Ngifanele ngihlale ngibandakanywe lapho iZwi likaNkulunkulu libonakaliswa khona. Ngizibandakanya kanye neqembu elizwa uMoya kaNkulunkulu.

²⁰⁴ Ngibandakanywa kanye neqembu elaziyo ukuthi Wembuliwe, elaziyo ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade, elaziyo ukuthi Lokhu akusikho ukushisekela ngokweqile. “NguJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade.” Ngizibandakanya kanye naleloqembu lapha, kulobubusuku. Nokho, babizwa ngesigejane sabakholwa okuphambene nokukholwa okuyikho, nokho isigejane sokushisekela ngokweqile, ngenxa yeZwi likaNkulunkulu. Kodwa, “Anginamahloni ngeVangeli likaJesu Kristu, ngokuba Lingamandla kaNkulunkulu kube yinsindiso,” futhi nginguye. Ngikanye nalezo zincwadi eziphilayo engikhulume ngazo, abaqinisekisiweyo, uNkulunkulu embozwe esimweni somuntu, kwabesilisa nabesifazane. O!

²⁰⁵ UNkulunkulu kwi *en morphe* yaKhe futhi, eZembulile futhi waZazisa kubantu baKhe. INkosi enkulu Eyabeka eceleni iNkazimulo yaYo. “Kuseyisikhashana nezwe lingabe lisaNgibona. Ngiyokwembozwa kubo. Kodwa nina niyoNgibona, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini, yonke indlela kuze kube sekupheleleni, eguquka esuka kuLuther kuya kuWesley, kuye kuqhubeke njalo njalo, ukusuka eNkazimulweni kuya eNkazimulweni. NgisenguNkulunkulu ofanayo owayehlala, nozobuyela eNkazimulweni yasekuqaleni.” Haleluya!

²⁰⁶ Wephule onke amaveli ehlelo, yonke imisindo evimbezelayo. Lowomsindo othi, “O, lokho ngukushisekela ngokweqile,” Wagqobhoza ngqo kulokho. Umsindo ovela lapho, wathi, “O, labobantu bayahlanya,” Wagqobhoza ngqo kuleloveli. Yebo, Wakwenza. “O, ningeke nakwenza. Anilutho kuphela isigejane sezinhlanga.” Wagqobhoza ngqo kulokho. “Ayikho into okuthiwa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu.” Wakugqobhoza

ngqo lokho, o, he, ngokuba iZwi laKhe lathi Uyokwenza. Ungeke ulinqobe iZwi likaNkulunkulu.

²⁰⁷ Futhi nango Emile, nokho, kulobubusuku, uMnqobi onamandla, selokhu ephula yonke iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, zonke ezinye izinhlobo zeveli. Usalokhu emi phakathi kwabantu baKhe, kulobubusuku, enganqotshiwe ngamasiko. Abantu abasho abakufunayo, benze abafuna ukukwenza, noma yini abayifunayo. UNkulunkulu ufika, egqobhoza ngqo lowomsindo ovimbezelayo.

²⁰⁸ Futhi khumbulani, bayangitshela, lapho indiza ibhodloza ngempela lowomsindo ovimbezelayo, akukho-mkhawuko ejubaneni layo.

²⁰⁹ Futhi ngiyantshela, lapho wephula lesosivimbezelo samasiko, ukuthi “uJesu usemuva le, futhi Akekho manje,” lapho uthola ukuthi Unguye izolo, namuhla naphakade, akukho mkhawuko kulokho uNkulunkulu abengakwenza khona la kulengqungquthela, futhi akhombise kulelizwe lokho abakudingayo: hhayi umbukiso womhlaba, kodwa imvuselelo yezwe eliyogcwaliswa futhi libhaphathizwe ngoBukhona bukaNkulunkulu oPhilayo, *en morphe* eZimbozele ngaphakathi enyameni yomuntu. Haleluya! Ngiyakukholwa.

²¹⁰ Kwephule zonke izivimbezelo, onke amaveli, onke amaveli! Akukho obekungafihla uBukhona baKhe. Nxa abantu elamba enhliziyweni yabo, kukhona iveli eselilungele ukwepulwa. Ungavele nje wethembele kulokho. Dabula onke amaveli, ngoMoya waKhe oNgcwele omkhulu!

²¹¹ Futhi nangu Emile, kulobubusuku, uMnqobi onamandla, onguye izolo, namuhla naphakade; ephulukisa abagulayo, ebhaphathiza abakholwayo, njengoba nje Wayehlala ekwenza. UnguMnqobi onamandla. Amademoni alahliweyo ayabaleka. Yebo, mnumzane. Ahlala njalo, uma Ekhona.

²¹² Sengivala, ngingasho lokhu. Kwakukhona i...Ngafunda indaba, eminyakeni eminingi eyedlula, ngomshayi-vayolini omdala. Futhi wayenevayolini endala ababezoyithengisa. Niyizwile indaba, izikhathi eziningi. Futhi babefuna ukuyithengisela into ethize. Nomdayisi wasendalini wathi, “Ubani ozonginika *okuthize-thize* na?” Futhi ngiyakholwa wethenjiswa izinhlamvu zemali ezimbalwa, mhlawumbe amasente angamashumi amahlanu, noma okuthize. “Iyahamba kanye, iyahamba okwesibili, . . .”

²¹³ Ngokuqondile, kwasukuma indoda ngemuva. Yathi, “Umzuzu nje.” Futhi yenyuka yayithatha. Ake sicabange ukuthi yadlala leli:

KunoMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
Elimuncwe emithanjeni ka-Imanuweli,

Lapho izoni zibhukuda ngaphansi
kwethantala,
Kusuka onke amabala azo ecala.

214 Khona-ke ngenkathi eseyibeka phansi, kwakungekho-so elalingenazo izinyembezi endaweni. Wayesethi-ke, “Ubani ozonikeza?”

215 Omunye wathi, “Izinkulungwane ezinhlanu.” “Izinkulungwane eziyishumi.” Yayingenanani. Ngani na? I—inkosi endala yevayolini yase ibembulile ubunjalo bangempela bayo.

216 O, mfowethu, dadewethu, manje makuthi iNkosi yaleliZwi, EyaLilobayo, uMoya oNgcwele omkhulu, ashaye ngento yaKhe yokukhalisa ivayolini ngothando, bese eyidonsa inqume kabili enhliziyweni yakho.

KunoMthombo ogcwaliswe ngeGazi,
Elimuncwe emithanjeni ka-Imanuveli.

217 Uzobubona ubuntengo obugcwele, bese ubona uNkulunkulu owembuliweyo efika abe sobala impela. Ukuthi, Usenguye nje njengoba Wayenguye ngenkathi Ehla ngoSuku lwePhentekoste, phezu kwabantu, ngenkathi Yena ezithulula qobo lwaKhe, e “zithululelile” kuLo ngqo. Kunjalo.

218 Wena uthi, “Mfowethu Branham, ngizamile. Ngizamile. Ngenze lokhu, lokho, okunye.”

219 Ngeliny’ilanga nganginomhlangano eCarlsbad, eNew Mexico. Futhi sehla sangena kulomphandu omkhulu omdala wamalulwane phansi lapho. Futhi kwakuthi akubukeke njengesipoki, futhi sehlela lapho. futhi i—indoda, ngenkathi yehlela lapho kulendawo, ya—yanqamula amalambu. Futhi, o, he, ungazibonela ukuthi kwakumnyama kanjani. Nje ku . . . kumnyama kakhulu ngangokuthi ubungaze ukuphathe.

220 Futhi nje izikhathi sezithi azibe ngaleyondlela, lapho sibona ibandla elehlulekayo ukuqonda iZwi likaNkulunkulu; lapho ubona amadokazi akithi aseZiyoni enza ngendlela enza ngayo; lapho ubona abafowethu obhemayo futhi aphuze, futhi—futhi akhulume amahlanya angcolile nezinto, bebe besalokhu bezama ukubamba ukuvuma kwabo kuKristu. O, he, kumnyama. Kumnyama bhuqe.

221 Sibona isibonakaliso sokuFika kwaKhe. Kuyobakhona . . . Kuhlala njalo kuba-mnyama kunakho konke ngaphambi nje kosuku. Bese-ke iNkanyezi yoKusa iyaphuma ukubingelela imini, nokuyandulela, futhi ikhombise ukuthi iyeza. Qaphelani.

222 Phakathi lapho, ngenkathi becisha lokho, kwakukhona intombazanyana eyakhala kakhulu ngephimbo layo yonke. Kwakukhona umfanyana owayemi ngakumqaphi, futhi wambona lowomqaphi ngenkathi ecisha amalambu kanjalo. Nalowodade omncane wayesezoba nokuquleka

nje. Wayedazuluka, egxuma phansi-na-phezulu. “O! yini ezokwenzeka elandelayo na? Yin’indaba na? Yin’indaba na?”

223 Niyazi ukuthi wayedazulukelani na? Wathi, “Ungesabi, dade omncane. Ukhona umuntu lapha ongakhanyisa amalambu.”

224 Lalela, dade omncane, ungahle ucabange ukuthi sibancane futhi sisedlanzaneni. Kodwa, ungesabi. Ukhona uMuntu lapha Ongakhanyisa iZibani. Lowo nguMoya oNgcwele. Niyakukholwa na?

225 Asikhothamise amakhanda ethu okomzuzwana nje. Ngiyaxolisa ukuthi ngingcine isikhathi.

226 O Nkulunkulu omkhulu waseZulwini, Uzembula, Uzisombulula, Uzazisa, iNkosi enkulu yeNkazimulo, thatha lokhu kuchaza ngemifanekiso okuncane, kulobubusuku, futhi ukwenze kwehlele phansi ezinhliziyweni zabantu. Futhi sengathi singabona Lowo ombuliweyo, Lowo Owehla wase edabula iveli lethempeli; wase-ke ephuma ngqo kuleloveli, wehla wangena ngqo emavelini abantu futhi, ngoSuku lwePhentekoste; selokhu kufane njalo, kuguquka kusuka eNkazimulweni kuya eNkazimulweni.

227 Futhi manje sibuyela emuva ngqo njengoba yonke imvelo, yenza, emuva ngqo eMbewini yasekuqaleni, ngqo kusukela onyakeni webandla owodwa kuya komunye. Nakulonyaka wokugcina lapha, silapha, sesibuyele emuva ngqo eNtweni yasekuqaleni eyehla ngoSuku lwePhentekoste, ukugcwalisa wonke umBhalo, “UkuKhanya ngesikhathi sokuhlwa,” nokuthi, “Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyoyenza,” nezinto eziningi kakhulu Owazethembisa eZwini laKho.

228 Baba, uma ebakhona oyedwa lapha ongakaze agqobhoze leloveli namanje, noma uma ebakhona oyedwa lapha olingise omunye owedlule evelini, yipha umusa kulobubusuku, Baba. Sengathi bangabona lowoMnqobi onamandla emi lapha, egcwele umusa namandla, ukuba athethelele. Siphe khona, Baba.

229 Futhi amakhanda ethu esakhothame, bangabakhona abanye lapha na? Bangaki, ake ngisho lokho, ongathi, “Mfowethu Branham, ngiphakamisa isandla sami. Ngikhulekele”? Yiba nje ulokhu ukhothamise ikhanda lakho, futhi uphakamise isandla sakho, “Ngifuna ukugqobhoza onke amaveli, ngize ngimbone ngempela uMnqobi.” UNkulunkulu akubusise. He, ezandleni! Phezulu kovulande abasesitezi, kuya ngakwesokudla na? UNkulunkulu anibusise. Ovulande abasesitezi kuya ngemuva? Phakama... UNkulunkulu anibusise. Yibani qotho ngempela. Ngakwesokunxele? Phakamisa isandla sakho, uthi, “Mfowethu Branham, ngingahle ukuba sengibe ngumKristu iminyaka, kodwa, ngempela, angikaze ngiphume kuleloveli. Impela angikaze ngikwenze. Anginakho Lokho ababenakho

ngaleyonkathi.” Namhlanje, sine . . . “Ngiyisithombo esitshalwe embhedeni okhulisa masinyane.”

²³⁰ Thatha imbali ekhuliswe embhedeni okhulisa masinyane, ufanele uyinise, uyitose, uyifuthe, uyinisele. Kodwa lesosithombo sasekuqaleni esimila phandle lapho ogwadule, uhlobo olufanayo lwembali, ibukeka kanjalo; ayiwatholi namanzi amancanyana, kodwa akukho zinambuzane kuyo. Imahlikihliki. Ingeyangempela.

²³¹ Ubungabuqhathanisa ubuKristu kanye nobuKristu namhlanje, nalokho obabuyikho ngaleyonkathi na? Ungathini nje leliqembu, esilibiza ngamaKristu namhlanje, emhlabeni wonke, benjengalabo abangasemva kwePhentekoste; bephathiswa okwezingane futhi bembambathwa, futhi basuke kwelinye ibandla baye kwelinye, futhi, basho into ethize ongayithandi futhi usukume futhi uphume uhambe na? Futhi, o, ungathini ngalokho na? Qhabo. Yin'indaba na? Ngumfanekiso.

²³² UMichelangelo, owemza isithombe sikaMose, Ungawuthola umfanekiso waleso, oshibhe kabi. Kodwa, owasekuqaleni?

²³³ Lo owadweba iSidlo sakusihlwa seNkosi, Ngiqagele lesosithombe sasekuqaleni besingagijima ezigidini zamadola, ukuba ngisho ubungaze usithenge. Angazi ngisho nokuthi sikuphi. Kodwa ungathenga umfanekiso oshibhile waso cishe ngedola namashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalombili. Ungakwazi.

²³⁴ Futhi kukanjalo nanamhlanje. UmKristu oshibhile, umfanekiso, umjoyini-bandla nje, ungabathenga baphume ngosikilidi noma i—noma isiphuzo esejwayelekile. Noma, ngowesifazane onezinwele ezigundiwe noma izindebe ezipendiwe, ungamthenga nganoma yini ezimfashinini zezwe. Kodwa ungeke umthinte lowo ongowoqobo.

²³⁵ NgiMbona esobala ngokugcwele, onguye izolo, namuhla, naphakade.

²³⁶ O, mKristu, awufuni yini ukuba ngumKristu wangempela na? Uma ekhona ongaziphakamisanga izandla zenu, ningakwenza na? Awu, ngizokhuleka nje. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise. O, lokho nje kuhle. Nje kubukeni lokho.


²³⁷ Baba wethu waseZulwini, “IZwi laKho aliyikubuyela-ze kuWe.” Kwaba nguwe Owenza isethembiso. Mina ngibophezeleke kuphela ekutheni Wakusho. Nje ngiphinda amazwi aKho. Wena wathi, “Ozwa iZwi laMi, akholwa NgoNgithumileyo, unokuPhila okuPhakade.” Wakwethembisa.

²³⁸ Futhi, Nkosi, siyazi sinayo yona imifanekiso namhlanje, abaningi abathi bayakholwa, lapho, bengakholwa. Kuyakhombisa. Kodwa, Nkosi, kukhona abangaboqobo, futhi.

²³⁹ Ngikhulekela ukuthi Uzovele uphe, phakathi lapha, kulobubusuku, ukuthi wonke owesilisa nowesifazane, umfana noma intombazane, akunandaba ukuthi basizwe sini, bambala muni, basonto lini, O Nkulunkulu, bagcwalise. Sengathi bangabona ukubonakaliswa kwangempela kwalowoJesu ofanayo namhlanje, khona phakathi kwethu, njengoba Wayenjalo ngoSuku lwePhentekoste, ngenkathi EZembulela lonyaka, enguMoya oNgcwele. Siphe khona, sibona amaZwi egcwalisa, iziprofetho zifezeka!

²⁴⁰ Siyaqhathanisa, namhlanje, lokho okubizwa ngebandla lezwe lapho, uMkhandlu wamaBandla oMhlaba, futhi siqhathanise lokho nesethembiso ngePhentekoste? Akukho-kuqhathanisa, nhlobo. Singeke sawashela izingubo zethu ezingcolile ngalelothikithi.

²⁴¹ Kodwa, Nkosi Nkulunkulu, uma sizobuyela kulowoMthombo, kukhona ukuqhubeka kokuhlana, khonake ulwazi lwethu neZwi likaNkulunkulu kuyofanelana. Khonake, singalibiza ifa lethu. Siphe khona, Nkosi, kulobubusuku, njengoba nginikela lababantu ezandleni zaKho. Yipha lowo nalowo lokho esikudingayo, Baba. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

²⁴² UNkulunkulu anibusise. Ngiyabonga, kakhulu, ngokuma, nilinde isikhathi eside. Futhi ngiyaxolisa nginibambe kwaze kwaba yimizuzu elishumi emva kweleshumi. UNkulunkulu abe nani ngize nginibone ekuseni. Ngibuyisela inkonzo manje ku, ngiyacabanga, kumphathi wohlelo. 

UNKULUNKULU ONAMANDLA OWEMBULWE PHAMBI KWETHU ZUL64-0629
(The Mighty God Unveiled Before Us)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoMsombuluko kusihlwa, ngoJuni 29, 1964, yenzelwa ingqungquthela yeFull Gospel Business Men's Fellowship International kwiBellevue-Stratford Hotel ePhiladelphia, ePennsylvania, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2022 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org